# *Inqubo yeBandla*

Bazalwane, sibize lomhlangano ngokuhlanganyela lapha kulobubusuku ngenhloso yokwazi ukuthi lifanele lisebenze kanjani iBandla likaNkulunkulu oPhilayo, okungukuthi, sikholwa ukuthi siyingxenye yaleliBandla.

2 Ngifuna ukuba, into yokuqala, ngifuna ukusho ukuthi ekuhambeni kwami umhlaba jikelele, ngokwazi kwami, lena ngenye yezindawo zikamoya kakhulu impela lapho ozwa khona uMoya kaNkulunkulu ukwedlula noma yiyiphi enye indawo engiyaziyo. Benginezinye izindawo ezimbili emqondweni wami ezazivamisile, kodwa okwamanje si—asibonakali sizibona lezozindawo; enye yazo iye yangena enhlanganweni, nenye i—ithe ukuwa.

3 Ngakho ngibiziwe izolo futhi nga—ngatshelwa ukuthi nonke nifune umhlangano ukuba ningibuze lemibuzo maqondana nemisebenzi yenu enifanele kulelibandla, futhi ngi. . .yilokho engikukhonele lapha kulobubusuku, ngukuba. . .noku—kuhlela ibandla, noma ukuninika izinto engicabanga ukuthi lokho—lokho yikho okukhulu ukwenza lelibandla liqhubekele phambili.

4 Bazalwane, ngineqiniso ukuthi niyakuqonda lokho, njengoba ngenze lokhu ukuphawula maqondana nalena iyindawo kamoya. Ayisiyo indawo enkulu ukwedlula zonke emhlabeni, futhi akusikho ukuthi sinokucula okwedlula konke, ukumemeza okwedlula konke, nokumpongoloza okwedlula konke, noma ukukhuluma ngezilimi okwedlula konke, nezinto, akusikho lokho, kodwa kuyikhwalithi kaMoya osebenza lapha kuleliTabernakele. Futhi, kuze kube-manje, ngifuna ukuncoma nokubonga uMfowethu Neville, na—nani bazalwane lapha, abaphatheli, nabadikoni, nonsumpa kaSonto sikole, nabo bonke, nga—ngalokho enikwenzile e—ekusizeni ukugcina lokhu ngalendlela. Bekungumthandazo omude wami, nesifiso kusukela ngisengumfana, ukubona ibandla libekwe ekuhambiseni ngenqubo futhi ligcinwe ekuhambiseni ngenqubo.

5 Manje, ngenkathi sibusisa indlu yokukhonzela, nganitshela, "Kamuvanyana nganginento engaxoxa ngayo nani," ukuthi ifanele iqhutshwe kanjani lento, indlela okufanele iphathwe ngayo. Futhi naqala ngoku. . .emva kokusuka lapha, sasinabefundisi nokunjalo. Kodwa manje, uMfowethu Neville engomncane nje phakathi kwethu, ufika phakathi kwethu, ngicabange ukuthi bekungangcono ukuba uMfowethu Neville aze athole ukuthi akheke kahle ekuKholweni ngaphambi kokuba ngethule izinto ezinjalo njengoba sengizokwenza

manje. Kodwa manje, emva kokuthi ngithola ukuthi wakheka kahle ekuKholweni, futhi uyaqonda ukuthi iMfundiso iyini, futhi ubambe iqhaza lokuba othembekileyo kuKristu futhi ebambelele kulokhu esikholwa ukuthi kuyiQiniso, ngicabanga ukuthi sekuyihora manje, kuzoba yisikhathi esihle, ukusondela kuye e. . . naphakathi kwenu malungu nezinto lapha zebandla, ukuthi nizozithatha lezizinqubo-mgomo futhi nizikhumbule, zingcono ukwedlula zonke ngokwazi kwami phambi kukaNkulunkulu. Bese-ke ngibheke nina ukuba niqhube ngazo lezizinto ngendlela engizisho ngayo, ngoba ukhona ozoba yinhloko khona lapha nje. Nifanele nibe ne . . .

6 Manje, angizami ukuba ngibuse noma into efana naleyo, kodwa, niyabo, umuntu noma yini enezinhloko ezimbili kuyo, a—ayazi ukuthi izohamba kanjani. UNkulunkulu akazange abe nezinhloko ezimbili eBandleni laKhe, Akazange akwenze, yinhloko eyodwa. Wayesebenza njalo kuzo zonke izizukulwane njengoba sifundisisile emiBhalweni, kukhona njalo umuntu ngamunye Asebenza ngaye. Ngoba uthola indoda amabili, unemibono emibili. Kufanele kufike oqobweni olulodwa, noqobo lwami yiZwi, iBhayibheli. Futhi njengomelusi lapha webandla, uqobo lwami yiZwi, futhi ngifuna . . . Ngiyazi ningabaFowethu, niwuhlobo olungibuka ngiwuqobo lwenu kulokho . . . inqobo nje uma ngilandela uNkulunkulu njengoba uPawulu asho emBhalweni, "Landelani mina, njengoba ngilandela uKristu."

7 Manjena-ke ngibheke nina bazalwane, noma ngasiphi isikhathi eningibona ngaso ngisuka kulomBhalo, ukuba nize kimi ngasese futhi ningitshele lapho nginephutha khona. Angikhathali uma ungomunye wabaphatheli noma i . . . noma uma ungumlindi-mnyango, noma ngabe ungubani, ubophezelekile kimi (njengoMfowenu kuKristu) ukungitshela uma nginephutha ngokombhalo. Futhi uma kukhona umbuzo, asihlale phansi futhi sikuxazulule, ndawonye.

8 Futhi yingakho niza, ngiyethemba, kimi kulobubusuku, ningingenise lapha, yingenxa yokuthi kukhona imibuzo lapha obonakala unibuza engqondweni yenu ngezinto enginazo—nazo lapha. Manje khumbulani, bazalwane, angazi . . . akukho-magama asayiniwe kunoma yiliphi lalamathikithi, kodwa . . . futhi abhaliwe, futhi ngeke nga . . . angazi ukuthi ubani owabhalile, kodwa ayimibuzo osengqondweni yenu, futhi ngilapha ukuba ngiyiphendule ngokwazi kwami konke.

9 Futhi khumbulani, uNkulunkulu ubuka kimi ukubona ukuthi ngihlala eZwini. Futhi ngibuka nina ukubona ukuthi niqhuba ngalo yini iZwi, niyabo, niyabo, kulelibandla. Futhi niligcine likumoya, ngokuba, khumbulani, onke amandla o—ombuso omnyama kaSathane ayoniphendukela lapho niqala ukukhula eNkosini. Futhi nifanele nibe amasosha, hhayi nje asanda kubuthwa. Seningamasosha asemadala manje, futhi niqeqeshelwe ukulwa. NoSathane uyofika phakathi

kwenu futhi anibangele ukuba niphikisane uma engakwenza. Mlahleni masinya nje; ningabazalwane; futhi yisitha. Futhi silapha ukuba sibambe ibhanela kulesisikhathi sokuKhanya kwakusihlwa, ukuthi, uma izwe lenziwa-mnyama nawo wonke umbuso webandla uzongena eMkhandlwini wamaBandla. Futhi masinya nje bazozama ukuqhasela isayini kulomnyango lapha, "Kuvaliwe!" Siyobe-ke sesidingeka ukuba sihlangane kwezinye izindawo, ngoba ngempela bayowavala lamabandla ngolunye lwalezizinsuku uma singaluthathi uphawu lwesilo. Futhi sithembele ekuhlaleni ngeqiniso kuNkulunkulu size sikhululwe ukufa, futhi yilokho esihlose ukukwenza.

10 Manje siqonde ngqo e. . .Futhi ngizocela, ukuthi uma kwenzeka kuba nesikhathi sokuthi noma yiyiphi yalezizinto ibuzeka, ukuthi leteyipu idlalwe phambi kwamalunga alelibandla (niyabo?) emihlanganweni yenu, noma umhlangano ungakaqali, ngaphambi nje kokuba umhlangano uqale. Vulani leteyipu futhi niyidlale! Futhi kwangathi ibandla lapha lingaqonda ukuthi lawa indoda abophezelekile kuNkulunkulu, njengesifungo sawo kulelibandla, ukusiza abambelele kulemigomo. Ningahle ningavumelani nayo; futhi uma nginiyeka niliphathe, khona-ke ngizophikisana nani. Sifanele sibe nomthombo ndawo ndawo lapho okuzofanele kubekhona okungokokugcina. Futhi okungcono kunakho konke engikwaziyo, ngikunikeza phansi kukaMoya oNgcwele, ngidedele Yena abe ngowokuGcina. Futhi leteyipu mayibe ngokokuGcina kwenu kulemibuzo.

Manje, owokuqala uthi:

**220. Kuyofanele lenzenjani ibandla ngasekubizelweni kwezosizo lwezezimali ko. . .kokokudla nezingubo na? Senzo sini—sini, li—lifanele lenzenjani ibandla na?**

11 Manje siyaqonda ukuthi ibandla linesibopho ngokuqondene nalo, okwamalunga ethu lapha ebandla, sinesibopho esiqondene nathi naso ngokuphelele maqondana nezidingo esinazo zokuwanika zona. Sinesibopho esiqondene nawethu, okungukuthi, akhuthele, amalunga anjalo njalo eTabernakele eza lapha futhi akhonze kanye nathi. Sibophezelekile kuwo, njengabaFowethu noDadewethu abafakazisile ukuthi bangamalunga alombuthano.

12 Manje, siyaqonda ukuthi kunezigidi kulobubusuku ezingenakho ukudla, ezingenazo izingubo, futhi besingathanda ukuthi sikwazi ukusiza lonke iqembu labo, ukwenza konke esingakwenza; kodwa ngokwezimali ngeke sakwenza lokho, asikwazi ukondla izwe lonke. Kodwa sibophezelekile kwawethu ngqo. Futhi ngicabanga ukuthi, kulokho, bese kuthi uma sinakho okusalile eningathanda ukunikela ngakho kubantu abangesiwo amalunga lapha alelibandla, into eningathanda ukubapha yona, kufanele kuhlangatshezwane nakho phakathi kwebhodi labadikoni.

13 Abadikoni nguye o—ozofanele ahlangane nalokhu abhekane nakho, noma lenkinga, njalo; ngenxa yokuthi eBhayibhelini nxa kuqubuka impikiswano maqondana nokudla nezingubo, nokunjalo, eNcwadini yeZenzo, babizela abaphostoli phakathi maqondana nakho, futhi bathi, "Hamba uzifunele indoda ayisikhombisa anodumo oluhle nagcwele uMoya oNgcwele ukuba anake lezizinto, ngoba thina sizoqinisela njalo eZwini likaNkulunkulu nasemkhulekweni."

14 Futhi akusiwo umsebenzi omiselwe umelusi ukuba abheke i. . . okokudla nokunjalo. Lokho kufanele kube ngabadikoni. Akusibo abaphatheli, yisikhundla sabadikoni ukwenza lokhu. Bese kuthi-ke lokhu kufanele ku. . . Khumbulani eBhayibhelini, babenikela kokwabo uqobo, amaGreki na—namaJuda, lapho ukuphikisana kuqubuka khona ukuthi omunye wayethola okuncane kakhulu kunomunye, kodwa kwakungabantu ababethengise ngazo zonke izimpahla zabo futhi bakunikelela ukukufaka ebandleni ukuba londleke, bese kuba-ke u—ukubehlukanisela ngokulinganayo. Futhi kwabakhona impikiswano encane equbukayo, futhi kulapho esathola khona abadikoni bethu bokuqala. Futhi lowo ngomunye wemisebenzi abayimiselweyo, ngukwenza lokho.

15 Ngicabanga lokho, njengabakithi uqobo, njengabantu bakithi uqobo, sifanele sibanakekele. Futhi kufanele kufakwe phakathi, noma yisiphi isikhalo, kumphathi-sihlalo webhodi yabadikoni, bese kuthi-ke sifanele sihlangatshezwe yibhodi yabadikoni futhi babone ukuthi yini abakwazi ukuyenza ngaso. Nazo zonke ezalezozinto okuyizingubo, nokudla, nosizo lwezimali, kumbe noma kuyini, kufanele kufike ngabadikoni. Bese kuthi abadikoni, uma benquma ukuthi ba—ukuthi ba. . . ukuthi bazokwenzenjani ngakho, khona-ke kufanele kwethulwe-ke ku—kumphathisikhwama, ukubona ukuthi umphathisikhwama uyakwazi yini ngalesisikhathi ukukhokha lelinani elithize lemali, noma—noma athenge lezizingubo, kumbe noma kuyini kulokho. Kodwa i—ibhodi labadikoni lifanele lihlangane ngalokho, futhi akuyi kubaphatheli noma kumelusi. Kuyinto yedikoni, ngakho konke.

Manje, bese kuba umbuzo ongowesibili:

**221. Kwanele yini ukusho obala epulpiti ukuthi izilimi nokuhumusha kufanele kwenziwe emhlanganweni inkonzo ingakaqali na?** Lowo ngumbuzo wesibili kulesisilipu sephepha enginaso lapha, esiyikhadi elincane.

16 Manje, lokhu kuzoba maqondana nomelusi lapha, niyabo. Ngoba yena—yena, empeleni, ungasengxenyeni yezokomoya, uyinhloko yalokho. Abadikoni bangamaphoyisa ebandleni, ukugcina inqubo-mgomo nokunakekela lezizinto, nokupha abampofu, nokunjalo. Abaphatheli bengamele izimali nesakhiwo, futhi yilokho okufanele bakubheke. Kodwa umelusi

wengamele u—ukuphatha engxenyeni kamoya, nalokhu kuyoya kuwe, Mfowethu Neville.

17 Manje, lapho . . . ngesinye isikhathi esedlule ngenkathi kubekwa inqubo-mgomo ebandleni. Ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi, nokuhumusha, nazozonke iziphiwo ezinhle zikamoya okugcotshwe nguNkulunkulu ukuba kube sebandleni. Kodwa siphila osukwini njengoba nje kwakunjalo ngesikhathi seBhayibheli, lapho khona amabandla . . . Manje, niyamqaphela uPawulu, waqamba ibandla e-Efesu, ibandla lase-Efesu, okwakuyibandla elaliqiniswe kahle. Niqaphelile na? Sikholwa ukuthi uPawulu, futhi washo njalo qobo lwakhe, ukuthi wakhuluma ngezilimi eziningi, futhi siyazi ukuthi wayenesiphiwo zezilimi. Hhayi lezo ayezifundile, kodwa lezo anikwa zona ngokomoya, ngoba ngukuthi ukukhuluma kanjani kumaKorinte lapho. Nokonga isikhathi, mina, hhayi nje . . . ukuphenya eBhayibhelini nokunifundela, ngoba kungenza ukuhlala kwethu—kwethu lapha kube kude kakhulu kulobubusuku, njengoba ngingenaso isikhathi esiningi kakhulu. Futhi manje . . . kodwa ukuze nje nibone ngokuvulekile.

18 Manje, uPawulu wayengakaze nakanye adingeke ukuthi akhulume eBandleni lase-Efesu noma ebandleni laseRoma, kumbe noma yimaphi alawomabandla amanye, ngeziphiwo zawo zokomoya, nokuthi kufanele zihlelwe kahle kanjani. Kodwa wadingeka ukuthi akhulume njalo kwabaseKorinte ngakho, ngoba babekwenza inkulumo-mpikiswano ngaso sonke isikhathi. NoPawulu wathi, uma efika phakathi kwabo, uma bethole ukuthi uma omunye wayenolimi nomunye enehubo, futhi wabonga iNkosi ngazo zonke iziphiwo zabo ezinhle nezinto ezinjalo. Futhi uma nizoqaphela esahlukweni sokuqala noma sesibili samaKorinte, uPawulu wayebatshela, ngendawo eyiyonayona, ababeyiyo kuKristu, ukuthi yena kanjani . . . babesendaweni eyiyonayona kuKristu.

19 Kwathi-ke emva kokuba esebatshelile, manje-ke njengobaba uqala ukubabhaxabula, futhi uthi, "Ngiyezwa ukuthi kukhona ukuphikisana phakathi kwenu, futhi ngiyezwa ukuthi niyadakwa etafuleni leNkosi." Akazange abenze bangabi amakristu; futhi bazalwane ningakwenzi lokho, ukubenza bangabi amakristu, kodwa yindlela abaziphatha ngayo endlini kaNkulunkulu. Kulapho-ke.

20 Manje, ngizosho lokhu, ukuthi njengoPawulu wasendulo washo, ukuthi, "Uma nibuthana, uma omunye ekhuluma, omunye makahumushe. Uma kungekho-ohumushayo, khona-ke thula. Kepha uma kukhona ohumushayo . . . "

21 Manje, ngilibhekisisile ibandla lapha, futhi nginibonile nikhula niya phezulu, futhi ngibone iziphiwo eziningi zikamoya zisebenza phakathi kwenu. Ngokusobala, kwesisodwa ngeza kuMfowethu Neville ngaso ngeZwi elivela eNkosini, ukumqondisa ngokuthile ayekwenza.

22 Futhi uma ngi . . . uma iNkosi i . . . UMoya oNgcwele ungenze umbonisi woMhlambi, ngakho-ke kungumsebenzi engimiselwe wona ukuba nginitshele iQiniso. Futhi ngibonga kakhulu kuMfowethu Neville, walilalela iQiniso. NgingaLisho kuphela njengokungitshela kwaKhe.

23 Manje, kulokhu, njengoba ngiliqaphelile ibandla lenu likhula, futhi ngaliqaphela. Futhi ebandleni, nansi indlela esabanayo ngalo kuqala, futhi lena yindlela esi—silifuna ngayo futhi.

24 Manje, uma ningabhekisisi, uma izingane . . . Into yokuqala eyenziwa yingane ngukuzama ukuthi ikhulume lapho ingakwazi ukukhuluma. Niyabo? Yenza okuningi ukubhibhidla, nomsindo, no—nokunjalo, kodwa icabanga ukuthi nje i . . . ingamedlula umshumayeli ngokukhuluma ngalesosikhathi. Awu, sithola lokho hhayi kuphela empilweni yemvelo, kodwa siyakuthola lokho nasempilweni kamoya futhi. Ngo*mncinyane*. Futhi uma uzama ukuqondisa leyongane futhi uthi ukuyithwansula izinqa kancanyana ngoba ithi “guu” futhi izama ukukhuluma, uyomona umntwana. Niyabo, futhi uyoyilimaza. Futhi kungcono kakhulu ukuyiyeka leyongane ikhule isikhashana esincane ize ngempela ikwazi ukukhuluma amazwi ayo kahle, bese uyayitshela-ke ukuthi *nini*. “Hhayi uma ubaba ekhuluma noma uma ekhuluma.” Kodwa uma sekuyisikhathi esifanele, uyidedele isho okwayo. Niyangiqonda na? Manje, ayikhulume uma sekufika isikhathi sayo sokuba ikhulume.

25 Manje, uma yake yabakhona into engake ngabanayo ebiyiva enyameni yami, phandle emhlanganweni, ngumuntu osukumayo uma ngikhuluma bese-ke enikeza umlayezo ngezilimi futhi ephule uMoya. Ngisanda kuphuma emhlanganweni eNew York nezindawo ezehlukene kulapho abefundisi bekudedela khona lokho kuqhubeke, izikhathi ngezikhathi, futhi akulutho kodwa—kodwa ngukudideka. Niyabo, uma uNkulunkulu esebenza ngomugqa owodwa womcabango, U . . . kuba—ku . . . Angabe ehlula inhloso yaKhe uQobo, uma Ezama ukufinyelelisa umugqa womcabango kini, ebandleni, ukuba enze ukubizela ealtare bese kubakhona into engena ingqubuzeke.

26 Isibonelo nje, njengalokhu. Sihlezi etafuleni, sixoxa, futhi sikhuluma ngeNkosi. Nomncane agijime ayongena etafuleni, ngokukhulu ukushesha, asuse konke ukunaka lokhu esikwenzayo, bese eyampongoloza, amemeze kakhulu, “Baba! Mama! He! He! Ngisanda kulishaya phakathi ezansi ethimini! Futhi senze konke *lokhu*, *lokho*, no*kunye*!” Futhi ngenkathi besisajule ngempela odabeni olungcwele. Manje, yena elishaya phakathi, lokho kulungile emdlalweni ibhesbholi, lokho kulungile. Kodwa uphumile ohlelweni uma efohla emlayezweni esikhuluma ngawo. Akalinde kuze kufike isikhathi sakhe bese-ke esitshela ukuthi wenzeni emdlalweni webhesbholi.

27 Manje, lokho kuyinto efanayo nje esiyithola ngeziphiwo namhlanje. Yingalesosizathu uNkulunkulu engenakwethemba eziphiweni zikamoya eziningi kakhulu kubantu, abakwazi ukuzibamba. Yileyo indaba namhlanje, isizathu singasenazo kunoma senza.

28 Bese-ke sithola ukuthi kukhona inqwaba yokulungiswa kweziphiwo zikamoya. Kodwa angikholwa ukuthi lokho kunjalo ebandleni lethu. Ngiyabonga ngalokho. Angikholwa nhlobo ukuthi kungukulingisa. Ngikholwa ukuthi sineziphiwo zangokoqobo, kodwa sifanele sazi ukuthi sifanele sizibambe kanjani kulezoziphiwo.

29 Bese kuthi-ke uma uzokwenza into ethize enhle. . . Ngokufana nokuthi nje uma ubusebenzela ubasi futhi waqala emsebenzini wakho wokuqala futhi uvuma ukuthatha imiyalo, khona-ke ubasi unokukwethemba futhi uzolokhu ekukhuphulela esikhundleni esiphakeme ngaso sonke isikhathi.

30 Manje, ngikholwa ukuthi lesosikhathi sesishaye iTabernakele likaBranham, ukwazi ukuthi kuyini. . .ukuthatha iziphiwo uNkulunkulu asipha zona, ukuthi uNkulunkulu angasethemba ngento ngisho enkulu kunaleyo esinayo. Kodwa ngeke sahambisana. . .futhi ubona indoda ezolokhu itshelwa njalo nakho konke. Futhi khumbulani, "Umoya wabaprofethi uthobela umprofethi," kusho umBhalo. Uma ubona owesilisa ofanele umqondise, noma owesifazane, nalowomuntu aphume enqubweni, kanti futhi umtshela iQiniso lomBhalo, khona-ke kuyakhombisa ukuthi umoya ophezu kwabo awusiwo okaNkulunkulu. Ngoba iBhayibheli lathi, "Umoya wabaprofethi," noma, "ukuprofetha," lokho nguku, fakaza, ukushumayela, ukukhuluma ngezilimi, kumbe noma ngabe kuyini, ngoba izilimi ezihunyushiwe yisiprofetho. Ngakho uthobela umprofethi, neZwi lingumprofethi. Ngakho si—siyabona ukuthi kuphumile enqubweni ukuba owesilisa noma owesifazane agxume aye phezulu futhi anikeze umlayezo, akunandaba ukuthi bafuna ukukwenza kakhulu kangakanani, ngenkathi umshumayeli esesepulpiti.

31 Manje ngiphakamisa lokhu ngeTabernakele likaBranham, ukuthi ngokuthi iziphiwo zethu—zethu ukuthi sithola. . .Futhi sinabantu abaneziphiwo abahle lapha. Manje, ngasinye salezo ziphiwo siyinkonzo ngokwazo. Ziyiziphiwo, njengokushumayela nje kuyisiphiwo, njengokuphilisa kuyisiphiwo, njengezinye izinto ziyiziphiwo, lezi yiziphiwo, ziyizinkonzo ngokwazo. Futhi umuntu ngamunye uyayalwa ukuba alinde enkonzweni yakhe uqobo.

32 Ngakho-ke makuthi iTabernakele likaBranham lisetshenzwe kanje, futhi ngosuku, ikakhulu ngalolusuku lapho sesibe nokuningi kakhulu (angifuni ukusho lokhu, kodwa) okuningi kakhulu ukuzenzisa. Asikufuni ukuzenzisa.

Akukho-silisa, akukho muntu oqotho ofuna ukuba nokuzenzisa. Si. . . Uma singeke saba nokwangempela, masingabinakho-nhlobo, masilinde size sithole okwangempela. Manje, ngikholwa ukuthi wena—wena silisa uzovumelana nalokho. Asifuni lutho olungukuzenzisa. Bazalwane, ngeke saqala ekuzenzziseni okuthize futhi sishiya lelizwe. Sifanele sibe nalokho okungokwangempela, nalokho okungokoqobo. Uma singenakho, asilinde size sikuthole, bese-ke sisho okuthize ngakho. Niyabo?

33 Manje, ngingathi, makuthi bonke laba owesilisa nabesifazane abakhuluma ngezilimi, futhi baprofethe, futhi banikeze imilayezo. Futhi ngi—ngikholwa kanye nawe ndoda ziyizo uqobo. Manje, iBhayibheli lithe, "Vivinyani konke, bese nibambisisa kulokho okulungileyo." "Ngokuba ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi Ngiyakukhuluma kulababantu, lokhu ngukuphumula eNgathi bafanele bangene kukho," nangale eNcwadini kaIsaya.

34 Manje, ngizophakamisa lokhu ukuze indawo engcwele ikhonzwe kuphela ngesiphiwo esisodwa ngesikhathi, ngokuba kusibuyisela ngqo enqubweni eyiyo futhi yalokho engizama ukukusho: uma omunye ekhuluma, makuthi umoya wabaprofethi uthobele umprofethi. Niyaqonda na? Manje, akuthi labo abanenkonzo eMzimbeni kaKristu. . . Futhi manje Kuyashiwo, manje akwenziwe. Akuthi labo abanenkonzo eMzimbeni kaKristu balindele enkonzweni yabo, ngoba yinkonzo evela kuKristu eya ebandleni. Kodwa ngeke nakhonza nonke ngesikhathi esifanayo, kufanele abe-munye ngesikhathi.

35 ITabernakele likaBranham liyoba kanje. Makuthi labo abakhuluma ngezilimi, nalabo abahumusha izilimi, nalabo abanesiprofetho esizonikezwa ibandla, mabahlangane bodwa ngaphambi kwesikhathi e. . . ngaphambi kokuba kuqale umhlangano, mababuthane endlwaneni ekhonjiweyo, bese belindela inkonzo yeNkosi.

36 Njengoba umelusi ezokwenza qobo lwakhe ngaphambi kokuba angene ezethamelini; ufanele athathe iBhayibheli, afundisise kuthule cwaka endlwaneni yakhe, eseMoyeni, futhi agcotshelwe ukuphuma abe phambi kwezethameli ukuba akhulume. Uma engakwenzi, uzodideka ngenkathi ephumela laphaya. (Makuthi owesilisa ngamunye nowesifazane ngamunye, benesiphiwo sikamoya, beze phambi kweNkosi.) Futhi njengoba umelusi unenkonzo ehamba yodwa, ungumprofethi; igama lesiNgisi, *umshumayeli*, lisho "umprofethi," lowo ngumtsheli ngaphambili weZwi.

37 Makuthi labo abanezinkonzo ezoba yingxenye yomunye othize, njengalowo okhuluma ngezilimi nomunye ukuba ahumushe, balindela *ndawonye* enkonzweni yabo. Bangeke bahlale endlini yokufundela yangasese futhi bakhulume

ngezilimi bese-ke eza ezotshela omunye ukuthi utheni, ngoba angabe esenakho kokubili izilimi nokuhumusha. Niyabo? Manje, uma enalokho, kuhle kakhulu, sifuna ukukwemukela kanjalo. Futhi sifuna ibandla lizuze ngeleziziphiwo ezisebandleni lethu. UNkulunkulu uzithumele kithi, futhi ke . . . sifuna ibandla lethu lizuze ngaleziziphiwo zokomoya. Ngakho makuthi umuntu okhuluma ngezilimi, nalowo ohumushayo, nalowo oprofethayo, mabaqoqane ndawonye ngaphambi kokuba i—ibandla lize lihlangane. Mabahlangane bona bodwa endlwaneni, belindele inkonzo yeNkosi ebandleni. Kuyaqondakala na?

38 Bese-ke, kanje, uma uMfowethu Neville ethi . . . Awu, manje angi . . . Ngiyaxolisa, mangisho lokhu. Uma uMfowethu Collins ekhuluma ngezilimi noMfowethu Hickerson enikeza ukuhumusha, khona-ke banenkonzo *ndawonye* yebandla. Manje, leyo akusiyo inkonzo kaMfowethu Neville; leyo yinkonzo *yenu* ebandleni. Nginekeza lokhu njengesibonelo. Manje-ke nina bazalwane nifanele nikushisekele nje impela ukuthola inkonzo yenu endaweni endlini kaNkulunkulu njengoba umelusi ekushisekele ukuthola eyakhe, ngoba nje kuyafuneka ukuba niyenze. Kodwa ngeke nayenza ngasese endlwaneni okungeyenu, uma *ni*khuluma futhi *ni*humusha, nifanele nibuthane. Manje, nibuthane ebandleni, usuke uziyele endlwaneni, ngoba unenkonzo yangasese. Ayisiyo inkonzo evulekileyo, iyileyo ezosiza ibandla. Niyabo? Iyinto ezosiza ibandla, kodwa ayifanele yenziwe ebandleni lihlangene lonke, indlela kuphela engizonitshela ukuthi ifanele yenziwe. Niyabo? Manje-ke, noma yini ekhulunywa nguMfowethu Collins, noMfowethu Hickerson unikeza ukuhumusha, njengesibonelo, manje-ke makuthi uMfowethu *omunye* akubhale phansi lokhu, ukuthi kuyini. Bese kuthi-ke uma kuza . . .

39 Manje, sonke siyazi ukuthi iNkosi iyeza, sikubhekile lokho. Futhi uma uMfowethu Neville ubesukuma njalo ebusuku wayesethi, "Bhekani, iNkosi iyeza! Bhekani, iNkosi iyeza!" lokho ngabe kulungile, niyabo. Kodwa usho lokho (umelusi) emsamo, ngoba unalo iZwi lalokho. Futhi uma engumelusi, umprofethi kulo ibandla . . . noma umelusi, njalo, ufanele afundisise iZwi leNkosi futhi anitshele ukuthi kubhalweni eZwini leNkosi mayelana nokufika kweNkosi, futhi nexwayiswa yiLokho. Inkonzo ngokunye (ebandleni) angehlanganise lutho nayo, yizilimi, ukuhunyushwa kwezilimi (okuyisiprofetho), noma umprofethi ekhuluma, lokho yinto engalotshwanga eZwini. Okulotshwe eZwini, *u*fanele akwethule; kodwa okungalotshwanga eZwini, yilokho *o*fanele umtshele khona. Njengokuthi, isibonelo nje, "Tshela uMfowethu Wheeler, ISHO KANJE INKOSI, 'Kusasa, emgodini wakhe wesihlabathi, ukuba angayi kuwo, ngoba kuzoba-khona itrakhi ezogingqika,'" noma yinto efana naleyo, futhi kufanele kwenziwe. Futhi usukukhulumile naye usekuhumushile, bese-ke lokho ukubeke

emsamo emva kokuba inkonzo yakho isiphelile. I. . .?. . .busuku, emva kwenkonzo. . .ihubo, bese niqala ukucula nokunjalo; uma inkonzo yakho isiphelile-ke, mabeze nalokho isiprofetho esikunikezile.

40 Futhi angicabangi ukuthi sine. . .Noma uma nikwenza, nifake lokhu lapho. Uma lababantu behlangana ndawonye, labo abanokuhlakanipha kuqala beze. Ngoba, niyabo, uma omunye ekhuluma ngezilimi futhi anikeze ukuhumusha ngokomBhalo, lokho ngeke kwemukelwa ngaphandle uma kufakazelwa abantu ababili noma abathathu, abanye ofakazi ababili noma abathathu (niyabo?) ufanele akufakazele lokho, ukuthi bayakholwa ukuthi kuyiZwi leNkosi. Ngoba. . .Futhi ngezinye izikhathi kulezizinkonzo ezincane, njengakunoma yiyiphi nje enye inkonzo, uthola imimoya ongalungile; niyabo, iyondiza ingene lapho. Futhi asikufuni lokho. Qhabo. Sifuna lezizinkonzo zilungele ukudalulwa uma zifanele zidalulwe, ngoba noma yini ekaNkulunkulu inga. . .awukhathazeki ngokuyidalula, i— iyokumela ukuvivinywa uma ingekaNkulunkulu.

41 Njengomelusi nje, uma kukhona omphosela inselelo eZwini, akadingi ukusekelwa ngakho, wazi kahle impela ukuthi ukhuluma nobani, "Khuphukela lapha." Niyabo? Futhi kuyafana njengalezizinkonzo, kufanele kube yindlela efanayo.

42 Manje, uma—uma omunye ekhuluma ngezilimi futhi anikeze umlayezo. . .Manje, abanye abantu bakhuluma ngezilimi lapho nje "bezakha bona," iBhayibheli lathi, banesikhathi esimnandi nje. Bayokhuluma ngezilimi, bezwa kanjalo. Futhi ba*ya*khuluma ngezilimi, eqinisweni bakhuluma nezilimi, futhi nguMoya okwenzayo. Kodwa uma kuhleziwe laphaya ezethamelini, bekhuluma ngezilimi, nje bezakha bona, khona-ke kuyinto engazuzisi ngalutho ebandleni; owesilisa uzakha yena, noma owesifazane, kumbe noma ubani okwenzayo. Niyabo?

43 Ukukhuluma ngezilimi kuyisiphiwo sikaNkulunkulu ekwakheni, njengoba uPawulu esho emBhalweni, ukuthi kungokokwakha ibandla. Ngakho kwakufanele kube ngumlayezo ovela ngqo kuNkulunkulu uza ebandleni, ngaphandle kwalokho okulotshwe lapha eBhayibhelini. Niyabo? Kuyinto e. . .

44 Uma ubungangibuza, "Mfowethu Branham, ngifanele ngibhaphathizwe kanjani na?" Ngingakutshela ngokukhulu ukushesha. Awudingi ukuthi ukhulume ngezilimi bese ungitshela lokho, kulotshwe khona lapha eBhayibhelini ukuthi kufanele kwenziwe njani ngalokho. Niyabo? Angidingi uku. . . awudingi-kubuza-mibuzo kulokho bese uba nomunye okhuluma ngezilimi futhi akutshele. Niyabo, lokho sekuvele kulotshiwe.

45 Kodwa uma uthi, "Mfowethu Branham, kufanele ngenzenjani, nginesinqumo lapha engifanele ngisenze ukuthi kufanele yini ngithathe lelibandla noma ngiye kwelinye

ibandla," noma yinto efana nalokho. "Noma ngifanele ngenze *lokhu*, *lokho*?" Manje, lokho kuzofanele kuvele kuNkulunkulu. Niyabo, nguNkulunkulu ozositshela lokho. Kodwa lokho kuzofanele kuvele ngenye inkonzo, ngoba iZwi alisho ukuthi "UOrman Neville akashiye iTabernakele likaBranham bese eya eFort Wayne Gospel Tabernakele." Niyabo, akukusho lokho eZwini lapha, niyabo, ngakho zingezalokho-ke leziziphiwo.

46 Njengomuntu ekhuphukela lapha bese ethi, "Uyakholelwa ekuphiliseni kukaNkulunkulu na?" Siyakushumayela lokho, siyakukholwa, siyakholelwa ekugcobeni, amafutha.

47 Kodwa nangu umuntu ethi a "Kakwazi ukuqeda, yini indaba na?" Ngakho-ke kuthatha uNkulunkulu, ngezilimi, ukuhumusha, ngesiprofetho, noma enye indlela kuba kwehlele empilweni yalowomuntu bese eyidonsa ayikhiphe leyonto ayenzile, bese emtshela ngakho. Leyo yinkonzo engesiyo eyomelusi, eyaleziziphiwo zokukhonza, kodwa azifanele zenzelwe phandle lapho ezethamelini. Niyabo?

48 Manje, uPawulu akakaze nakanye adingeke ukuthi atshele labo—labo abayibandla lase-Efesu noma yini ngalokho, babehamba ngenqubo, ibandla laseRoma, noma nalinye lalawo amanye amabandla; yibandla laseKorinte kuphela, futhi abazange bazithole . . . Manje, uPawulu wayekholelwa ekukhulumeni ngezilimi. Wayenakho ukukhuluma ngezilimi ebandleni lase-Efesu, ngokufanayo njengoba enza ebandleni laseKorinte (niyabo?), kodwa wayekhuluma izinto ezinkulu kakhulu kwabase-Efesu kunalokho kukhuluma ngezilimi nje, ukuhunyushwa kwezilimi.

49 Manje, bese-ke uma omunye ebhala umlayezo onikezwe ngezilimi noma wanikezwa ngesiprofetho, bese ewubeka emsamo, ufanele ufundwe ngumelusi inkonzo ingakaqali, oka "ISHO KANJE INKOSI" ovela kulababantu abakhulume ngezilimi futhi bakuhumusha. Futhi uma lokho kufezeka ngempela ngendlela ukuhumusha okusho ngayo, siyophakamisa izandla zethu futhi sinikele ukubonga kuNkulunkulu ngoMoya waKhe phakathi kwethu. Uma kungafezeki, ungabe usakwenza-ke kuze kuphume lowomoya omubi kuwe. UNkulunkulu akaqambi amanga, Uyiqiniso njalo.

50 Khona-ke, niyabo, usumdala ngokwanele manje ukuba uziphathise okwendoda, hhayi abantwana ("guu, guu, guu"), ufanele ube nencazelo ethize entweni ethize.

51 Makuthi ibandla manje, njengoba liza lihambisa ngenqubo, lize ku*lokhu* ukuhambisa ngenqubo. Uma omunye eprofetha . . . Uma omunye efika phakathi kwenu, engafundile, bese nikhuluma ngezilimi, niyoba ngoweZizwe kuye, akazi ukuthi nikhuluma ngani. Niyabo? Futhi ngempela ngalolusuku lapho obekukhona ukudideka okuningi kangaka ngakho, kubanga isikhubekiso. Kodwa umuntu akakhulume ngezilimi, bese

kuthi omunye akuhumushe futhi anikeze umlayezo, futhi awufundwe khona lapha emsamo, ngalokho okuzokwenzeka, bese-ke kwenzeka-ke, nibone ukuthi kwenzekani. Ubatshele ukuthi "Kusasa ngesikhathi *esithize*, noma ngeviki elizayo ngesikhathi *esithize*, kuzoba yinto *ethize*," bese kuthi nidedele ongakholwayo ohlezi lapho akulalele lokho futhi akubone kushiwo ngaphambili kokuba kwenzeke. Khona-ke bazokwazi ukuthi hlobo luni lukaMoya oluphakathi kwenu, kuzoba nguMoya kaNkunkulu. Yilokho okwashiwo nguPawulu, "Bese kuthi uma omunye engaprofetha futhi embule izinto ezifihlakele, ngeke yini lonke ibandla liwe phansi, noma ongakholwayo, bese ethi, 'UNkulunkulu uphakathi kwenu na'?" Niyabo? Ngoba ngeke kwaba . . .

52 Kodwa manje asifuni . . . "Lapho sisengumntwana," uPawulu wathi, "Ngaziphathisa okomntwana," watshela abaseKorinte lapho, "Ngakhulumisa okomntwana." Wayenengqondo yomntwana. "Kuthe sengingumuntu omdala, ngayeka okobuntwana."

53 Manje, ngiyanitshela nonke, niyabo. Manje, eminyakeni embalwa edlule, naningabantwana ngaleziziphiwo, nidlala niya emuva naphambili. Kodwa senihlale isikhathi eside esikoleni manje, sekuyisikhathi sokuba yindoda, ningasebenzisi nje lezi ukuba nidlale ngazo. Leziziphiwo zingcwele, zingezikaNkulunkulu, futhi anidlali ngazo. Asidedele uNkulunkulu azisebenzise. Yilokho-ke inkonzo yenu efuna ukuba yikho, futhi yileyondlela yokufaka iTabernakele likaBranham enkonzweni. Futhi—futhi uma lokhu kubuzwa, noma ngasiphi isikhathi, makuthi leteyipu ime njengofakazi ukuthi leyo yindlela okufanele kwenziwe ngayo eTabernakele likaBranham.

54 Uma kungena isihambi, ngoba niba nazo ngasosonke isikhathi, ngoba leli ngokuba yitabernakele elingakhethi-bandla, kukhona abantu abangenayo ongenakho lokhu ukuqeqeshwa okuhle, abanakho, abakwazi okungcono. Nomelusi wabo uqobo, bayovele bagxume baye phezulu nje futhi bephule umlayezo wakhe, futhi badabule ukubizelwa e altare phezulu, futhi bakhulume ngezilimi nakho konke kanjalo. Wena usuyindoda eqeqeshwe kangcono kunalokho. Niyabo? Bese kuthi emva kwenkonzo, uma ebheketula, khona-ke yindawo yedikoni ukuya kubo. Ningavumeli umelusi wenu akwenze ngaphandle uma kufika endaweni lapho kungekho-dikoni lapha, kodwa idikoni lifanele likubone lokho. Niyabo?

55 Manje, emva kwenkonzo . . . Uma umuntu evele asukume nje bese enikeza umlayezo, umelusi uma efuna ukuma umzuzu nje bese eqhubeka, kuhle kakhulu, niyabo, lokho kukumelusi. Kodwa-ke masinya makube idikoni, ngaphambi kokuba lowomuntu aphume endlini, abathathe ababuyisele eceleni bese ekhuluma nabo ngakho. Futhi uma bekubuza, balethe

kuleteyipu bese uthi, "Yilokhu umbhishobhi noma umbonisi webandla. . ." Ongu*mbhishobhi*, i. . .noma yimuphi umbonisi. Niyabo, kubizwa kanjalo eBhayibhelini, "isikhundla," niyabo, ngakho lowo ngumbonisi omkhulu webandla. Makuthi. . . "Lezi yiziyalo nendlela ibandla lethu elikwenza ngayo. Manje, siyathanda ukuba uze unikeze umlayezo wakho. Kodwa uma unomlayezo ovela eNkosini futhi u. . .mawunikezwe, khuphukela lapha uwubeke emsamo nomfundisi wethu uzowufundela ibandla, umlayezo oya kulelibandla." Kodwa awufanele nje ube ngukuphindaphinda imiBhalo, nezinto ezinjalo. Ufanele ube ngumlayezo oya ngqo kubantu, wokuthize okuzokwenzeka, noma yinto ethize abafanele bayenze. Ngabe kuyaqondwa na? Kulungile.

**222. Manje, ikhona yini indlela engcono yokugcina ibandla lihambisa ngenqubo kunokulokhu ukhumbuza abantu ngo—ngokuphinda phinda okuvela kubadikoni ngokomthetho na?**

Qhabo, lokho, ngikuchazile nje lokho. Lowo ngumbuzo ongowesithathu.

56 Amadikoni, umsebenzi omiselwe nina ngukugcina ibandla lihlelekile, ngobumnene nobungane. Futhi-ke nifanele, uma omunye ephuma ekuhambiseni ngenqubo ebandleni, noma angene lapha njengodakiwe, noma kungene omunye umuntu.

57 Njengoba badubula lowomfundisi esemsamo ngobunye ubusuku phezulu lapho. Nezwa ngalokho, lesosidakwa singena nesibhamu ingebe esinemibhobho emibili. Samemeza kakhulu sifuna umkaso, futhi—futhi sasifuna umkaso, futhi senyuka saya ngakumelusi. Nomelusi wasikhombisa umkaso ehlezi lapho, kodwa sasizomdubula khona phakathi ebandleni, nomelusi waqala ukubhekana naso. Futhi esikhundleni sokuba—esikhundleni sokuba. . .I—indoda eyayiphethe isibhamu ingebe yaphenduka yadubula umelusi epulpiti, yase idubula umkayo, yase izidubula yona.

58 Manje, ukuba kwakukade kukhona isigejane sabadikoni lapho ngenkathi leyondoda ingena ngalowomnyango nalesosibhamu ingebe, babeyomdumela ngezingalo nesibhamu ingebe siphume esandleni sayo. Niyabo? Niyabo, lokho—lokho ngukuhambisa ngenqubo kwabadikoni. Futhi manje, lezizinto sezihambe ngendlela abenza ngayo manje futhi nje ungahle ulindele noma yini. Kodwa, khumbulani, abadikoni bangamaphoyisa kaNkulunkulu endlini kaNkulunkulu, akunandaba ukuthi omunye umuntu ucabangani. Ngezinye izikhathi iphoyisa alifuni ukuhamba lenyuke liyobopha umuntu, mhlawumbe omunye wabangane balo, kodwa lifungisiwe esikhundleni, lifanele likwenze noma ikanjani. Lowo ngumsebenzi elimiselwe wona edolobheni lakubo. Niyabo?

59 Lowo ngumsebenzi omiselwe idikoni ebandleni. Futhi uma omunye egxuma eya phezulu futhi aqale ukuphazamisa umelusi, noma enye into enjalo, nomelusi esemlayezweni wakhe, abadikoni bafanele benyukele kulabobantu, ababili noma abathathu babo, bathi, "Singakhuluma nawe, mfowethu?" Niyabo? Nimkhiphe ebandleni, nimkhiphe nimfake eofisi, phakathi *lapha* noma elinye iofisi, futhi nikhulume naye ngakho, nithi, "Awufanele uphazamise." Niyazi, kuyi—kuyinhlawulo enkulu ngomthetho ukuphazamisa inkonzo noma ikanjani. Niyabo? Kodwa abanye abantu, njengomuntu oyishinga noma okuthize, efika phakathi kwenu, niyazi, no—nolunye uhlanya lwenkolo, futhi—futhi luqale ukuqhubeka, khona-ke abadikoni . . . Futhi uma abadikoni bengabonakali bekwazi ukukulawula, khona-ke ibhodi yabaphatheli kumbe noma ubani omunye ebandleni angasukuma futhi anikeze usizo kumuntu onjalo. Niyakwazi lokho.

60 Futhi—futhi manje ake ngibuze umbuzo futhi lapha:

**Ikhona yini indlela engcono yokugcina ibandla lihambisa ngenqubo kunokukhumbuza abantu ngokuphindaphinda okuvela kubadikoni, manje, ngezinye izikhathi na?**

61 Manje, ngicabanga ukuthi u—umelusi, uhlala njalo . . . Noma odlala leteyipu, makuthi lokho kumele ubufakazi. Abadikoni bangamaphoyisa, nezwi labo lingumthetho nenqubo. Niyabo? Futhi banegunya elivela ebandleni futhi ngisho nelivela emithethweni yesizwe ukuba benze leyondlu kaNkulunkulu ibe yindawo ekahle. Futhi noma ubani ophambana nedikoni kanjalo, uzifaka e—eminyakeni emibili kuya kweyishumi ejele lenhlangano yamazwe. Uma ubatshela ukuba bahambe futhi bangakwenzi, noma yinto efana naleyo, umuntu onokuziphatha okungekho ekuhambiseni ngenqubo, akazi nje ukuthi wenzani uku . . . Uzehlisa yena, ezabela yena zonke izinhlobo zezinhlawulo, noma yini.

62 Besekuthi-ke uma kufika endaweni lapho umuntu . . . Manje, njenge . . . Futhi uma umuntu egxuma eya phezulu futhi engahambisi ngenqubo . . . Nje mhlawumbe akhulume ngezilimi noma okuthize, ngeke ngangena kulokho. Niyabo, mabahambe, ngoba uma beyisihambi. Uma bengabantu bethu uqobo, khona-ke vele nje . . . Ngobusuku obulandelayo, nina badikoni velani nje nithathe leteyipu, bese nithi, "Manje, sizodlala inqubo yebandla ngaphambi kokuba siqale inkonzo, ngifuna wonke umuntu akuqonde." Nani nina belusi nani nonke ningasebenza ndawonye kanjalo.

**223. Manje, Mfowethu Branham, uthini ngoSonto sikole na? Mfowethu Branham, ngoSonto sikole** (kulungile)**, ufanele ube ngaphambi kwenkonzo yokushumayela na?**

63 Yebo, besihlala njalo sinawo ngaleyondlela. Sibe noSonto sikole ngaphambi kwenkonzo yokushumayela. Nalokho

kunikeza ithuba kubafo abancane abethamela uSonto sikole, ukukhipha amaklasi abo. Futhi uma—futhi uma befuna. . . nabafo abancane abakuqondi, futhi kufanele bahlale njalo ize iphele inkonzo yokushumayela bese-ke beba noSonto sikole, abafo abancane bayakhathala. USonto sikole akube yiwo kuqala, kube nesikhathi esimisoweyo, ngesikhathi esisodwa nje esimisiweyo lowoSonto sikole uhamba uyohlangana. Umongameli kaSonto sikole ufanele akubheke lokho, ukuthi lowoSonto sikole uyahamba uyohlangana ngesikhathi esithize, isikhathi esimisiweyo. Futhi uyakhishwa ngesikhathi esithize. Wonke uSonto sikole uvunyelwe isikhathi esingaka salokho, bese-ke uyakhishwa.

**224. Uthisha weklasi labadala kufanele kube ngomunye ngaphandle komelusi na?**

64 Uma kuvunyelwane kanjalo. Uma umelusi efuna ukufundisa uSonto sikole bese-ke eletha umlayezo kamuva, lokho kulungile futhi kuhle kakhulu uma efuna ukwenza inkonzo eyidabuli. Kodwa uma engafuni, khona-ke yibani nothisha wenu omdala kaSonto sikole (niyabo?) weklasi lenu labadala. Bese-ke uma—uma umelusi enomunye umuntu lapho emqondweni, nomuntu efuna ukukwenza, zinike wena imizuzu engamashumi amathathu, kumbe noma ngabe yikuphi ozokuvumela uSonto sikole wakho, imizuzu engamashumi amathathu noma amashumi amathathu-nanhlanu, imizuzu engamashumi amane, nomangabe kuyini.

65 Futhi kufanele kubekhona insimbi ebekwa lapha. Futhi uma leyonsimbi ishaywa kahle, lokho kusho ukuthi. . .kumbe noma insimbi yesonto, uma ishaywa kahle ngaphandle, lokho kungukukhipha uSonto sikole. Futhi uma leyonsimbi isikhala, lokho kuchaza ukuthi yonke into isiya ngokuhambisa ngokwenqubo khona lapho.

66 Kubakhona-ke isikhathi esingaka sehubo noma amabili, noma yikuphi ofuna ukukucula. Kungabi yisikhathi esiningi kakhulu, uzobakhandla abantu ngokubahlalisa isikhathi eside kakhulu, niyabo. Futhi nje ushaye kahle insimbi, ube nehubo nanoma yini ozoyenza, bese-ke uthumela iklasi lakho endaweni. Futhi masinya uma sekufika lesosikhathi, ake sithi kuzoba nge—ngeleshumi nqo, noma ligamenxe eleshumi, noma iyishumi nanhlanu lishayile eleshumi, noma ngabe yikuphi, shaya kahle leyonsimbi futhi bonke othisha akhiphe iklasi labo, baphumele ezethamelini phandle. Bese-ke. . .Bese benikeza, umbiko, kaSonto sikole, bese-ke bekhipha yonke into, bese kuthi wonke lowo ofuna ukuhlalela inkonzo yokushumayela elandelayo. Niyabo, khona-ke kuhamba ngenqubo.

Umbuzo? **Bangaki. . .**[Omunye ubuza uMfowethu Branham, **"Kusho ukuthi-ke sineklasi elehlukanisiwe, ngamany'amazwi?"**—Umhl.]

67 O, yebo, nifanele nibe nalo. O—oneminyaka emithathu ubudala ngeke akuqonda okungaqondwa ngoneminyaka eyishumi nane ubudala. Ngicabanga ukuthi nginakho lokho kuthe ukuqhubeka kancane.

**225. Kufanele kubekhona amaklasi amangaki?**

68 Nifale nibeke amaklasi enu e . . . Njengeklasi elincinyana elifuna ukuba nebhodi yeflanela, lokho kukhulu kakhulu kumfana noma intombazane eneminyaka eyishumi nane ubudala. Niyabo? Ufanele ube nomuntu ozothatha iklasi lalezozingane ezincane, umama othize omdala noma okuthize owaziyo ukuthi banakekelwa kanjani. Amanye amaklasi, ngiyacabanga, kufanele kube ngumuntu okwaziyo kakhulu ukwethula iZwi. Niyabo? Futhi kufanele kubekhona amaklasi. Ukuthi manje, kungabakhona okufana neklasi elabavela . . . Okungenani amaklasi amathathu.

69 Kufanele kubekhona iklasi lezingane ezincanyanyana, kufanele zisukele cishe eminyakeni emihlanu ubudala. Futhi zonke ezinye ezingaphansi kwalokho zifanele zigcinwe nonina, futhi zisiwe ekamelweni labantwana uma kunesidingo ngesikhathi so—sokushumayela, uma zizoqhubeka. Lingelalokho-ke lelokamelo labantwana laphaya.

70 Futhi ngicabanga ukuthi a—amaklasi afanele ahlelwe kusukela njengasezinganeni ezincane cishe ezineminyaka emihlanu noma eyisithupha ubudala, kwenyuke kuze kuyofika kwisishiyagalombili, noma isishiyagalolunye, ishumi, into efana naleyo. Bese-ke kusukela eminyakeni eyishumi ubudala kuqhubekele eshumini nanhlanu bafanele babese—seklasini lamatshitshi namabhungu. Bese kuba-ke yiklasi labadala abangaphezu kweshumi nanhlanu, ngoba ba . . . uma sebebadala ngokwenele uku—uku . . . kulezizinsuku bangawuthola umsebenzi futhi bafuna ukuvota benalowonyaka, cishe; ngakho ba—bafanele bakwazi ukuzwa iZwi, kodwa baphumele ehholo elikhulu futhi babenalokho.

**226. Obani abafanele babe ngothisha?**

71 Nakho lapho okhona, lokho kukini ukuba nivotele othisha benu ngqo. Futhi nifanele nikwenze lokho, nibafake phakathi lapho, nithole umuntu. Futhi nihlangane nebandla, futhi nithi, "Ubani o . . . Ubani lapha ozwa eholwa yiNkosi na?" Bese-ke nithola uthisha oqeqeshiwe. Bese-ke kwenziwa. Kufanele kube ngumsebenzi onesandla esiqinile, bazalwane. Uma uthisha engenakubanazo izidingakalo kuwo, khona-ke shintshani othisha.

72 Uma kufika sikhathi, phansi kukaNkulunkulu, uma ngizwa sengathi uOrman Neville ngeke esakwazi ukuba nezidingakalo zokuba ngumelusi lapha, ngizokusho ebandleni. Uma ngibone into eyodwa lapha, ngicabanga ukuthi nina badikoni ngeke nabanazo izidingakalo zokuba ngabadikoni,

ngizokusho ebandleni, ukuthi, "Ngithola ukuthi kukhona idikoni elithize khona lapha lenza into elingafanele ukuthi liyenze, futhi aliyigcini indawo yomsebenzi eliwumiselweyo," nokunjalo kanjalo, noma umphatheli kumbe noma ngabe yini. Ngeke ngavotela ukuthi kungene noma kukhishwe, ibandla lifanele lenze lokho, kodwa ngempela ngizokwethula ebandleni. Niyabo, ngoba yilokho okufanele kukwenze. Yilokho engifanele ukukwenza njengombonisi, ngifanele ngibheke bese ngibona ukuthi kwenzekani. Siya eZulwini, hhayi phandle lapha ndawo ndawo siye eralini noma okuthize ukuba sibe nenqwaba yokubungazana futhi sigijime phezu komunye nomnye, futhi sidlale ibheyisbholi. Silapha sibambe into eyinkazimulo kakhulu ekhona emhlabeni, iZwi likaNkulunkulu, futhi kufanele kuthwalwe ngokwenqubo yokumesaba uNkulunkulu.

**Obani abafanele babe ngothisha?**

73 Lokho kukini ukuba nibakhethe. Kodwa ngingathatha, owezingane, ngingathatha owesifazane osemdala, omunye ongakwenza lokho. Kodwa ematshitshini namabhungu, ngingathatha omunye uthisha onesandla esiqinile, futhi kungabisikho nje ukuphumela lapha futhi kube nokosiwa kwamasositshi. Lokho kungaba kuhle uma befuna ukuqhubeka nokosa amasositshi, kodwa nje babeke yonke into kulokho. . . Bakubeke eZwini, makube ngumuntu okwaziyo ukubamba iZwi. Futhi kuzoba njalo, lelibandla alimele i. . . Ukosa amasositshi kulungile, na—namapikiniki amancane enifuna ukuhamba ndawonye nikhonze, lokho kuhle, yilokho—yilokho enifanele nikwenze ukuba nibungaze abantwana. Kodwa kulendawo phakathi *lapha*, leli yiZwi likaNkulunkulu. Ukosa amasositshi kulapho uma nibuthanda ndawonye, noma into efana naleyo, kodwa hhayi endlini kaNkulunkulu. Futhi laba bayazi, kusobala siyazi asikholelwa kulokhu lapha ubuwula ba—ba—bamaphathi nazo zonke izinto njengalokho ngapha, si—si. . . nazi kangcono kunalokho.

**227. Ubani okufanele engamele uSonto sikole ukuba awugcine usekuhambiseni ngenqubo?**

74 Ngumongameli kaSonto sikole. Yilowo-ke umsebenzi wakhe. Akafanele ukuhlanganisa lutho nabadikoni, abaphatheli, abelusi, kumbe kungabikho noma ubani omunye, unesikhundla sakhe ngqo. Noma ngabe ubani uthisha wenu kaSonto sikole, angazi. Kodwa lowothisha kaSonto sikole ufanele abone ukuthi onke amaklasi asendaweni yawo, nokuthi wonke uthisha ukhona, noma abambise ngomunye uthisha kulowothisha uma bengekho lapho ngalolosuku.

75 Bese kuthi ngaphambi nje kweSonto. . . Ngenkathi i—izifundo zisaqhubeka, umongameli kaSonto sikole ufanele ahambe athathe iminikelo ababenawo phakathi lapho (izinkongozelo zikaSonto sikole), nombiko wokuthi bangaki

abakhona, ukuthi mangaki amaBhayibheli akade benawo kuleliklasi, nokunjalo, bese enza umbiko wakho. Bese-ke ema phambi kwezethameli ngaphambi nje kwenkonzo yokushumayela, uma enikwa indawo yokukwenza, uma benombiko kaSonto sikole emva kokuphela kukaSonto sikole, shono ukuthi bangaki othisha, bangaki abakhona, nokuthi bangaki abakaSonto sikole bonke sebehlangene, sonke—sonke isamba seminikelo isihlangene, nokunjalo kanjalo. Abadikoni, abaphatheli, abelusi, abafanele ukwenza lokho. Abahlanganise lutho kukho, lowo ngumsebenzi kamongameli kaSonto sikole.

76 Bese kuthi-ke uma ebona ukuthi uSonto sikole udinga izinto ezithize, khona-ke ufanele akwethule e—ebhodini yabaphatheli, nabaphatheli abenomhlangano kukho, kuqala. Bese kuthi-ke abaphatheli, uma bethola ukuthi zikhona izimali ezanele nokunjalo, ngomphathi-sikhwama, khona-ke lokhu kungathengwa; uma efuna into ethize enye yencwadi ilitrisha, kumbe noma ngabe kuyini, kumbe amaBhayibheli noma okuthize, befuna ukuthengela omunye iBhayibheli, niyazi, ongathola amazwi amaningi futhi acaphune imiBhalo eminingi, umklomelo othize noma yinto ethize abazophana ngayo kanjalo, ipresenti, futhi befuna ukukuthenga ngebandla. Lokho-ke akwethulwe ku—ku—ku—kubadikoni . . . manjena-ke mabathole uma ku—uma ku—uma kusesikhwameni semali. Niyabo?

77 Manje-ke ngicabanga ukuthi lokho kuyibhekela yonke leyomibuzo emihlanu kulokho.

Manje kolandelayo, uthi:

**228. Mfowethu Branham, maqondana nenqubo yebandla, sizamile ukuhambisa ngakho ngendlela esiqonda ngayo iziyalo ezinikezwa ekubusisweni kwendlu yokukhonzela entsha. Futhi ngokwenzenjalo, abanye bavuke izinhlanya bayishiya indlu yokukhonzela. Nabanye abalaleli lutho esilushoyo, ikakhulukazi abantwana. Sikhulumile nabazali mayelana nabantwana babo, futhi ababanakekeli. Manje, ngabe asiqondanga na? Noma, sikuthatha ngesinxele na? Ngiyabonga.**

Manje angiphendule lona njengoba yehla:

**Maqondana nenqubo yebandla, sizamile ukuhambisa ngakho ngendlela ebesiqonda ngayo okunikezwe ngayo ekubusisweni kwendlu yokukhonzela entsha.**

78 Manje, lokho kuqinisile, nikwenza ngokuyikho. Manje, lo kufanele kube abadikoni, ngibona kanjalo, ngoba kukhona khona lapha emsebenzini womdikoni. Kulungile.

**Futhi ngokwenzenjalo, njalo si . . . abantu usivukele waba yizinhlanya njalo.**

79 Bayakwenza kimi, futhi! Bayokwenza kunoma yimuphi umuntu. Niyabo? Umuntu owenza lokho, kukhona

okungalungile kulowomuntu. Abalungile kuNkulunkulu, ngokuba uMoya kaKristu uthobela ukufundisa kukaKristu, indlu kaKristu, inqubo kaKristu. Niyabo? Futhi noma yimuphi umuntu o. . . kumbe noma yimuphi owesifazane, kumbe noma yibaphi abantu, abantwana, abayothukuthelela idikoni elinokumesaba uNkulunkulu eliyobatshela ukuthi ba. . . futhi, kumbe noma yimuphi umzali oyothukuthelela idikoni. . . Ngempela, sifuna wonke umuntu kulelibandla esingamthola; kodwa uma lokho kuzodala inkathazo kwenye indawo, kukhona iva noma "unogwaja enqwabeni yezinkuni," njengoba sasivamise ukusho. Lowomuntu akalungile.

80 Uma beshiya, yinye kuphela into okufanele yenziwe: bayeke bahambe, futhi ubakhulekele. Niyabo? Kothi-ke mhlawumbe abanye abadikoni baye ebandleni labo. . . noma baye ekhaya labo ngesinye isikhathi, futhi bathole ukuthi kungani beshiyile, futhi bababuze ukuthi yini ebingalungile kahle. Bese-ke, futhi uma be. . . Nibone ukuthi ningabuyisana yini nabo. Uma ningeke, bese nithatha ofakazi ababili noma abathathu naye, ukuze baqondwe. Bese kuthi uma bengenakuqondwa, bese kushiwo phambi kwebandla uma beyilunga lapha lebandla. Khona-ke ba. . .

81 Bese kuthi-ke uma bengesiwo amalunga ebandla, kusobala abasiwo amalunga alelibandla, bafanele *benziwe* babuseke. Niyabo, ba—bafanele balalele iziyalo zethu lapha, ngoba lokhu yiziyalo zebandla. Le yizinto esingafuni ukuyenza, izinto engingathandi ukuzenza, kodwa kuyizinto ezifanele zenziwe. Futhi ngizidalula mina uqobo ngokusho lapha ngaleteyipu, yimi, bangezwa mina ngikhuluma futhi bazi ukuthi yimi, akusuwe ndoda. Nibuze *mina* lemibuzo, futhi ngikunika nina ngokungcono ukwedlula konke engikwaziyo ukuthi kanjani kuvela eZwini likaNkulunkulu.

82 "Manje, uma labobantu bethukuthela futhi baphume kini, uthini umBhalo ngakho, Mfowethu Branham na?"

83 "Baphuma kithi ngoba babengesibona abakithi." Futhi lokho kuyakuxazulula. "Bashiya ibandla," yilokho abakwenzayo. Kulungile.

**Abanye abalaleli lutho esilushoyo, ikakhulukazi abantwana.**

84 Abantwana bafanele bakwazi ukuqondiswa izigwegwe, bafanele bakuthole ekhaya. Kodwa ngisho noma kungeyami, abantwana bami bangena lapha noma ngasiphi isikhathi, bayaphuma enqubweni, angifuni nincenge lutho; uSarah, uRebekah, uJoseph, uBilly, kumbe noma kungahle kube ngubani. Ningitshele, ngizokubona. Uma bengakwazi ukuhlonipha, khona-ke ngeke beze enkonzweni baze bakufunde ukuhlonipha. Lena akusiyo inkundla yezemidlalo, lena yindlu kaNkulunkulu. Lena akusiyo indawo yokudlala,

neskeyiti, nokubhala amanothi, nokuhleka, nokusika, lena yindlu kaNkulunkulu, futhi ifanele iphathwe ngokumesaba uNkulunkulu.

85 Niza lapha nizokhonza, hhayi ngisho nokuvakasha. Lena akusiyo i—lena akusiyo inkundla yepikiniki, lena akusiyo indawo yokuvakashela; lena yindawo yokuvakashela kukaMoya oNgcwele, nilalele lokho Azokusho, hhayi komunye nomunye. Asizi lapha uku—ukuzohlanganyela sodwa, siza lapha ukuzohlanganyela noKristu. Lena yindlu yokukhonza. Nabantwana bafanele baqondiswe izigwegwe, futhi uma be. . . bengabazali babo. Makwazeke! Ukuthi uma lababadikoni. . . Uma lababazali babantwana bengezukulalela kulokho okushiwo yilababadikoni, khona-ke lomzali bafanele baqondiswe bona uqobo.

**Sikhulumile nabazali mayelana nabantwana babo, futhi ababanakekeli.**

86 Uma bengamalunga alelibandla, khona-ke ufanele uthathe ababili noma abathathu bese nibiza lowomzali ningene emhlanganweni oyinguyazana, kwelinye lama ofisi. Angikhathali ukuthi ubani, uma kuyimi, uma kunguMfowethu Neville, uma kunguBilly Paul nomfana wakhe omncane, uma kunguMfowethu Collins nomunye wabantwana bakhe, kumbe noma ubani omunye wenu nonke. Si. . . Siyathandana, kodwa sibophezelekile kuNkulunkulu naleliZwi. Uma kunguDoc, akunandaba ukuthi ngubani, sifanele sibizane singene futhi sibeqotho komunye nomunye. Angake asebenze kanjani uNkulunkulu ngathi, uma singeqotho omunye komunye na? Sizobaqotho kanjani kuYe na? Niyabo?

87 Lena yinqubo, sifanele siyigcine indlu kaNkulunkulu! Nabadikoni bafanele bazi ukuthi kwenziwa kanjani lokho. Niyabo? Futhi yingakho nginitshela manje ukuba nigcine lezizinto zibanjiwe. Futhi uma lokhu, nitshela abazali futhi bangakulaleli lokhu, bangakulaleli, khona-ke tholani elinye idikoni noma omunye wabaphatheli, noma umuntu othile olungileyo walelibandla, futhi nibize. . . nithathe owenu utrus. . . Nithathe ibhodi yenu yabadikoni, bonke abadikoni benu ndawonye, nithi, "Mfowethu Jones, Mfowethu Henderson, Mfowethu Jackson," kumbe noma kungahle kube ngubani, "abantwana babo abahloniphi, futhi sesibatshele kabili noma kathathu ngabantwana babo futhi abalaleli."

88 Bese-ke nibiza uMfowethu Jones angene, noma uMfowethu *Noma ongubani*, bese nithi, "Mfowethu Jones, sikubizele umhlangano phakathi lapha. Siyakuthanda, futhi si. . . uyingxenye yethu, ungomunye wethu. Ake ngihlele leteyipu nje bese ulalela ukuthi uMfowethu Branham wathini ngakho, niyabo. Manje, sikucelile ukuba wenze labobantwana bahloniphe. Niyabo? Uma bengahloniphi, futhi ungakwazi

ukubenza bahloniphe ebandleni, bashiye nomunye uma wena uza enkonzweni baze bafunde ukuhlonipha endlini kaNkulunkulu." Niyabo? Kodwa lena yinqubo, kufanele kuqhutshwe ngayo! Niyabo?

Manje omunye umbuzo uthi:

**Manje, ngabe asiqondanga na?**

89 Qhabo, mnumzane. Akusikho ukuthi awuqondanga, lokho kulungile. Ngiyakusho futhi, iziyalo. Empini, abakubuzi, "*Uzo*hamba yini wenze into ethize na?" Uma usempini, u*phoqekile* ukuba ukwenze. Niyabo? Futhi kungaleyondlela e. . . Ngiphoqelekile ukushumayela iVangeli. Ngiphoqelekile ukumela Lokhu kungakhathaleki ukuthi omunye umuntu wami nabazalwane nokunjalo bathini ngaKho, ngiphoqekile ukwenza lokhu. Ngifanele ngilimaze imizwa futhi ngisike umuntu abe yizicucu, kodwa uma ngi . . .

90 Awuthandi ukuba uthole ukuba njengo-Oswald. Niyabo? Uma ungenakuvumelana nomuntu nezinto, khona-ke mxhawule bese ube usalokhu unemizwa efanayo ngaye, khona-ke kukhona okungalungile kuwe. Uma ngingenakuvumelana nomuntu (kamunyu, kusukela ngapha kuya ngapha) futhi ube usalokhu ucabanga kakhulu ngaye nje—njengoba kwakungenza uKristu, khona-ke kusho ukuthi kukhona okungalungile emoyeni wami, anginawo uMoya kaKristu. Niyabo?

91 Uma ethi, "Awu, Mfowethu Branham, ngi—ngikholwa ukuthi ukufundisa kwakho kuyi*lokhu, lokho*."

92 "Kulungile, Mfowethu, asihlangane ndawonye sithethe indaba, wena nami. Kuzothathwa yithina sodwa. Sizoya ngapha endlwaneni sibe sodwa, sizokubonisana." Futhi avele nje angisike ngibe yizicucu, futhi ngidingeke ukuthi ngimphendule. Uma enhliziyweni yami ngingakwazi ukumzwela ngokufanayo, ukuthi "useyilokhu enguye uMfowethu futhi ngizama ukumsiza," khona-ke angisoze ngamsiza, ayikho indlela kimi yokuba ngimsize. Uma ngingamthandi, kusizani ukuya lapho na? Ngimtshele, "Indawo yokuqala kuqala, Mfowethu, angikuthandi, futhi angikukhiphe lokho enhliziyweni yami khona lapha ngaphambi kokuba singene lapho, ngoba angikwazi ukukusiza ngize ngikuthande."

93 Futhi kunjalo, futhi yileyondlela. Niyabo, kuqhubeni, nikwenze ngokuyikho impela, yileyondlela okufanele kube yiyo. Anizange neze ningakuqondi.

**Sikuthatha ngesinxele na?**

94 Qhabo, kuyindlela eyiyo ukwenza lokho. Makugcinwe inqubo! Ngoba njalo lu. . . Manje, abantwanyana nomama, izingane ezincane nezinto, ba—bayokhala, futhi uma bekhala kakhulu futhi bephazamisa umelusi wenu phezulu lapho, khumbulani, ningabaqaphi bakhe, ningabaqaphi bakhe

beVangeli. Niyabo? Futhi uma kuphazamisa umlayezo weNkosi, khona-ke ningabadikoni, nifanele nenzenjani na? Njengomuntu nje ekhuluma ngezilimi, ubophezelekile. Futhi umuntu oshumayelayo, ubophezelekile eZwini, ubophezelekile kulezizinto. Ngamunye wenu ubophezelekile esikhundleni, futhi yilokho o—futhi yilokho nje esi—esizokwenza lapha.

95 Manje, asifuni ukulinda isikhathi eside kakhulu, futhi ngiyazi kukhona lapho okufanele ngiye khona emizuzwini embalwa, ngakho ngizo—ngizozama nje ukuphangisa ngokukhulu ukushesha.

**229. Mfowethu Branham . . .**

Mithathu, imibuzo emibili kulelikhadi lapha.

**Mfowethu Branham, yiyiphi inqubo-mgomo efanele yokuthathela abantu iminikelo ebandleni na? Kufanele kwenziwe kanjani lokhu na?**

96 Ngicabanga ukuthi ukuthathela abantu iminikelo ebandleni akufanele kwenziwe ngaphandle uma kungokomelusi wenu. Futhi ngicabanga ukuthi uma kufika umuntu ezocela ukuphiwa, noma yinto efana naleyo e . . . Noma umuntu o—odinga kakhulu, njengomunye wamalunga ethu lapha noma ibandla, ake sithi uma omunye wabaFowethu, futhi bebenenkathazo ethize; awu, ngicabanga ukuthi-ke lokho kufanele kumenyezelwe emsamo, futhi akwenziwe ngumelusi lokho, ngicabanga ukuthi ngumsebenzi wakhe awumiselweyo ukuba enze lokho; omunye umfowethu odinga okuthize, makakwethule ebandleni, uma kufuneka kuthathwe ngaleyondlela.

97 Uma kungumuntu odingayo bese—bese-ke ningafuni ukumthathela umnikelo umuntu odingayo, khona-ke ibhodi mayihlangane ndawonye bese ivumelana phezu kwezamba ezithize abafuna ukuzinika lomuntu esikhwameni semali. Kodwa uma isikhwama semali siphansi ngalesosikhathi futhi bengenakuphumelela ukukwenza, khona-ke ungaqoqwa, awu, aku—akuthi i . . . makuxoxiswane nebhodi, inikeze iziyalo kumelusi, futhi makube ngumelusi ocela lento ethize. Athi, "Manje, kulobubusuku, uMfowethu Jones, ubene—nengozi esabekayo, indlu yakhe ishile. Futhi kulobubusuku, njengamaKristu, sizothi kanyekanye, kulowo nalowo wethu senze isibopho salokho esingakwenza ukuba sisize uMfowethu Jones abuye akhe indlu yakhe futhi." Niyabo, kumbe—kumbe noma ngabe kuyini. Niyabo, si—sizokwenza lokho. Lokho makushiwo emsamo, yileyondlela yokwenza lokho. Bese kuthi-ke izibopho zilethwe, bese-ke kunikezwa umphathi-sikhwama webandla. Nalezizibopho zifanele zikhokhwe ngomphathi-sikhwama webandla, futhi abanike. Futhi—futhi anikeze umuntu irisidi yakho, ngoba angazi noma lokho noma kudinga ukubanjelwa intengo noma qha; ngiqagele kungokwento enjengaleyo.

98 Manje, kodwa uma sekufika njengo—ngokungena kwesihambi, kungene isihambi sengathi si . . . Kungene umuntu bese ethi, "Awu, niyazi ukuthini? Ngi—ngi—ngisohambweni futhi ngi—ngiqhunyelwe yithayi, futhi ngifuna ithayi elisha. Ngiqoqeleni umnikelo wethayi elisha." Manje, lokho akufanele kwenziwe. Qhabo, lokho akufanele kwenziwe. Futhi uma kubonakala kuyi—uma kubonakala kuyinto efanele, ngomuntu enimaziyo, ibhodi ingahlangana bese ikhomba inani lemali ethize kumphathi-sikhwama ukuba athengele lowomuntu ithayi noma ngabe bekuyini. Noma kumbe uma isikhwama semali yebandla siphansi, futhi kunqunywe yibhodi ukuthi lezi . . . Umelusi ufanele angazihlanganisi ngalutho kulokhu, a—abadikoni ufanele enze lokhu, niyabo, noma amabhodi. Futhi manje uma lokhu . . . Uma kuvunywa, khona-ke kunikezwe umelusi, umelusi angawuthatha umnikelo. Kodwa, qaphelani, uma kuyisihambi, kuphuthuma, umfo edinga imali encane futhi nizwa ukuthi kuyisizathu esifanele, (manje lokhu kungumbono wami), uma kungokwesizathu esifanele ngempela futhi nazi ukuthi kuyisizathu esifanele . . .

99 Manje, kuqala, uma nenyukela lapho futhi nibuke emabhukwini ami endlini, abantu befika bathi, "NginguMfundisi *S'bani-bani* wakulelibandla *elithize-thizeni*, futhi ngi—ngihlangabezane nobunzima ezansi emgwaqeni lapha, futhi ngi—ngidinga isethi yamathayi," futhi ngazile ukuthi ngisanda kungena ngiphuma emhlanganweni futhi ngaba nomnikelo, noma enye into ethize enjengalokho, bengingamnika, cishe, ukuba ahambe ayothenga isethi yamathayi. Futhi ngibuke emaminithini, akakaze abekhona umfundisi onjalo, akakaze ahlale endaweni enjalo. Futhi kukhona izinkulungwane eziyishumi noma ezingamashumi amabili zamadola ezincwadini kuleminyaka engizikhiphe kanjalo, angikaze ngazi lutho ngabo ukuthi babekuphi. Ngithola ukuthi, abanye abafundisi bathi, "Ngani, wangenzela *okunje-kanje* na*kanje-kanje*."

100 Manje, ibandla alinasibopho, liqondene kuphela nabalo. Kunjalo. Abalo, banesibopho kubo.

101 Kodwa uma kubonakala ukuthi yisizathu esifanele, bese kuthi uma nina baphatheli ningahle nithi, "Awu, manje awulinde umzuzu. Lomuntu, nansiya *i*moto yakhe ezansi lapho, leyo eyakhe (kwenzeka), na*lokhu*. Akusikho okwebandla lethu, niyabo, kodwa kuyikho." Bese kuthi uma befuna ukukwenza kanjalo, futhi basho into eyisipesheli mayelana nowangaphandle . . .

102 Hhayi owethu uqobo, manje, niyabo, hhayi abantu bakithi uqobo, abantu bakithi uqobo bakhushulelwe khona lapha phakathi kwabakubo—bakubo, abaFowabo lapha, niyabo.

103 Kodwa uma kungumuntu ongaphandle, nomfo athi ulambile noma . . . nomuntu efuna ukukhipha phakathi ephaketheni lakhe

bese emnika okothando, lokho kukuwe, kodwa ngikhuluma ngokuvela ebandleni. Bese kuthi-ke uma abantu bebandla be*celwa* ukuba banikele, khona-ke . . .

104 Manje, uma ninomvangeli, kusobala, phakathi lapha eshumayela, khona-ke nithatha . . . nina . . . lokho kuyoqondakala ngaphambi kokuba afike, niyazi, ukuthi nizomnika umnikelo, noma nimkhokhele iholo, kumbe noma yini afuna ukuyenza.

105 Kodwa-ke uma lomuntu elapha, futhi kungokwesizathu esifaneleyo, nomelusi . . . nebhodi ifune ukuvumelana futhi itshele umelusi ngakho, khona-ke umelusi athi, "Umuntu *othize-thizeni* uhlezi lapha, asiyazi indoda, ingena ifike yasicela i . . . ithi abantwana bayo balambile. Asinaso isikhathi . . . besingenaso isikhathi sokuhlola o—o—o—o—okushiwoyo." Niyabo?

106 Uma ikhona into enjalo, khona-ke okwethu—okwethu . . . Uma kukhona okuphakathi kwabethu, abadikoni bakithi—bakithi uqobo bayahamba bakuhlole lokho okushiwoyo. Niyabo? Bese kuthi-ke uma kufanele, khona-ke kwenzeni. Uma kungafanele, ningakwenzi, anifanele ukukwenza. Kodwa manje uma kungumuntu lapha, ni—ni—niyekele umelusi athi, "Manje, ibhodi yabaphatheli ingitshele ukuthi bebengamazi lomuntu. Kodwa umuntu uhlezi lapha, uthi igama lakhe uJim Jones," kumbe noma kungahle kube yini, "futhi uhlezi khona lapha. 'Ungasukuma, Mnu. Jones? Manje, Mnu. Jones ekugcineni kwenkonzo, ume nje emnyango ongemuva lapho, lapho usuphuma.' Futhi uma noma yibaphi abantu obezwa enhliziyweni yakho, kumbe noma yini ofuna ukuyenzela lomuntu, nimnike lapho seniphuma." Ngabe lokho kuyaqondwa, manje na?

107 Ngabe nikutholile lokho kweyenu . . . Kulabo abaseteyipini . . . Futhi omunye we . . . UMfowethu Collins ukugejile eteyipini yakhe. Ngifuna ukusibuyisela lesosicaphuno futhi uma . . . ngoba ungomunye wabadikoni.

108 Uma—uma kubakhona noma yini okwalokhu, kungene indoda eyodwa eni . . . futhi iphuthuma futhi ifuna umnikelo ebandleni, makuthi abaphatheli noma abadikoni bahlangane ndawonye, futhi kuthi i . . . bahlangane ndawonye, futhi benze lesisinqumo, bese betshela umelusi ukuthi kufanele kwenziwe *kanje*. Mabathi . . . Umelusi makasho ukuthi "Lendoda ethize," ayibize ngegama, "futhi asiyazi. Nenqubo-mgomo yethu lapha ingukuthi—ingukuthi siphenye ngaphambi kokuba abantu sibathathele iminikelo, futhi, lokho kungukuthi, kwabangabakithi uqobo. Kodwa lendoda lapha, ithi yehlulekile, ibe nokuphuthumayo, inabantwana abagulayo, izama ukutholela abantwana bayo umuthi," kumbe noma kungahle kube yini, okuphuthumayo. "Manje, imi khona lapha.

Ungasukuma, mnumzane?" Niyabo, futhi niyisukumise. Futhi nithi, "Manje nina bantu bonani ukuthi yini . . . ukuthi ingubani. Manje, ekuvalweni kwalenkonzo lendoda izoma lapho emnyango ongaphambili, nabantu sebephuma, ozizwayo ukuthi wena ufuna ukunikela kulokhu, ukhululekile; sikumemezele ebandleni kuphela." Anikwenzi isibopho, niyakumemezela nje kuphela. Niyabo, lokho ngukusiphatha kahle isihambi. Niyabo? Seniyaqonda manje na? Kulungile.

109 Ngicabanga ukuthi lokho kuyawuxazulula lowombuzo.

**230. Kuthiwani ngamateyipu na?** Manje kunokuthi: **Kuthiwani ngamateyipu na?** (Kunophawu lombuzo) **Njengoba, abaningi babhalela iofisi futhi besola wena ngesenzo ematеyipini. Futhi, mayelana nabanye ngasendlini yokukhonzela bethengisa amateyipu, uma uMnu. Maguire ezokhokha imivuzo ngawo.**

110 Kulungile. Amateyipu angesivumelwano. Futhi uma ngi . . . Angazi nje ngempela ukuthi imvumelwano iphelelwa nini yisikhathi, kodwa abaphatheli, lokhu kungokwabaphatheli; hhayi abadikoni, abaphatheli; hhayi umelusi, abaphatheli. Abaphatheli, njalo kaninginingi, ba—babhala imvumelwano, njengoba ngikuqonda. Futhi uma lokhu—lokhu kungahambi ngakho, khona-ke abaphatheli bayalungisa. Lababaphatheli unesivumelwano nomuntu owenza amateyipu, namateyipu ayagunyazwa ukuthi athengiswe.

111 Akekho omunye ongenza amateyipu ngaphandle uma kuvunywa ngumuntu onegunya lokuwathengisa, futhi angeke athengiswa ngaphandle uma evunyelwa ngumuntu onegunya lokuwathengisa, ngoba lowo ngumthetho, niyabo, ukuthi iphethwe yigunya lokuwathengisa. Niyabo? Futhi uma ifran- . . . lowo ophethe igunya lokuwathengisa efuna ukuvumela u*S'bani-bani* awenze amateyipu, lokho kukuye. Uma efuna ukuvumela wonke umuntu ukuba enze amateyipu, lokho kukuye; efuna wonke umuntu athengise amateyipu, lokho kukumuntu ophethe igunya lokuwathengisa. Ufanele abe ne—nenothi elincane elibhaliwe lasayinwa yilowo umphathi wegunya lokuwathengisa, ukwenza nokuthengisa amateyipu, ngoba-ke wazi kahle ngomthetho; ngoba uma engazi, indoda enegunya lokulithengisa . . . Uyozithwalela icala e . . . Uma kuba no—nomuntu ongcolile obefuna ukudala inkathazo, ubengakwenza ngempela. Weqa lelogunya lokuwathengisa . . . ngoba lokho kunjengokushicilela ngemvume, niyabo, into efanayo, awuvunyelwe ukukwenza. Kuyinhlawulo enkulu ukwenza lokho.

112 Ngakho uma abantu benza amateyipu, mhlawumbe banesivumelwano evela kuMnu. Maguire o—one . . . o—odonsa imivuzo ematеyipini. Futhi manje . . . futhi angazi ngalokho, ngoba angikho lapha ngokwanele nani ukwazi ukuthi

lezizinto zingobani, nokuthi kubhekiswa kubani. Ngicabanga ukuthi uMnu. Maguire usenalo, ngoba phandle lapho, ngiseCalifornia noma eArizona, lapho engikhona, ngiqonda ukuthi basawathenga amateyipu eCalifornia. UMfowethu Sothmann, umkhwe kaMnu. Maguire, ongumfowethu lapha ebandleni. Ngicabanga ukuthi uMnu. Maguire usenalo, i—igunya lokuwathengisa.

113 Futhi manje, bekulokhu kunezikhalo isikhathi eside ekwenziweni kwamateyipu. Manje, uma kukhona isikhalo kunoma yini ephathelene nezezimali zalelibandla, kubophezeleke kubaphatheli ukubona ukuthi leyonto iyalungiswa. Niyabo? Akufanele, nakanjani, kubekhona noma yini.

Manje niyabona lapha, kuyasho kulelikhadi lapha, ukuthi:

**Babhelela iofisi futhi besola wena.**

114 Eqinisweni, ngibe nezincwadi eziningi ngakho, futhi befuna ukwazi ukuthi yingani bengawatholi amateyipu abo. Manje niyayazi imvumelwano yenu nalowo onegunya lokuwathengisa, njengoba bengiqonda . . . Amateyipu, a—angifuni kwenza lutho ngawo, uqobo lwami, uma noma ubani engawasebenzisa amateyipu ukuqhuba iVangeli, "Amen!"

115 Kodwa, kuqala, oMfowethu Roberson baqala ukuwenza, uMfowethu Beeler nabaningana babo baqala ukuwenza; kwase kuba abafana ababili, uMfowethu Mercier noMfowethu Goad, bawenza iminyaka; futhi, kusobala, uma omunye wowesilisa ngamunye ewenzile, kubekhona izikhalo kuwo wonke umuntu. Kodwa, kusengathi lapha kulesisikhathi esisand'ukudlula, kubekhona isikhalo esikhulu ngokungawatholi amateyipu abo. Abantu ungibizile kulolonke izwe. Bese okunye, kungukuthi, amateyipu abuye ahoxiswa. Bayofike badlale into eyodwa umzuzu owodwa, bese bebuye bedlala okunye kwenye into, futhi ungabe usaqonda ukuthi ayini.

116 Manje, lababantu bekhokhela lamateyipu bafanele bathole iteyipu yangoqobo. Angikhathali ukuthi badingeke ukuthi benzeni ukuze bayithole, sifuna ukubona abathengi bethu nabaFowethu (abangabathengi bethu nabaFowethu), nokunjalo, bafanele babe neteyipu engu "Namba-1". Manje, nina baphatheli nikubheke lokho, ukuthi lababantu bayaneliseka. Uma benganeliseki, imali yabo ifanele ibuyiselwe kubo ngokushesha.

117 Futhi ukhona ongibizile, futhi bathi sebewalinde izinyanga amateyipu. Manje, angazi ukuthi uMfowethu Maguire ukubheka kanjani lokhu. A—angazi ngalokho, njengoba ngingazi lutho ngakho. Futhi ngi . . . Akumsebenzi wami ukungazi lutho ngalokho, ngumsebenzi wakhe nabo nabaphatheli. Futhi angizami ukungena, kodwa nje nginitshela ukuthi uyini umthetho wakho. Niyabo? Umthetho wakho ungukuthi

lamateyipu, kusukela ngesikhathi abawathumelela bona ngaso, lawomateyipu afanele ngabe asesendleni yawo phakathi nosuku noma ezimbili, ezintathu noma ezine, izinsuku ezinhlanu; emva kokubathumelela lawomateyipu, lifanele ukuba seposini kungenjalo igunya lokuwathengisa lingesulwa noma ngasikhathi sini uma leziziyalo zingalalelwa. Niyabo?

118 Manje, futhi njalo ezinyangeni eziyisithupha noma unyaka, lokhu kufanele kuvuselelwe, lesisivumelwano sifanele sivuselelwe. Nifanele nihlangane ngalolusuku *oluthize* lwenyanga leligunya lokuwathengisa elithi nifanele ukuhlangana ngalo. Bese-ke kufanele kube ukuthi, okungukuthi, abanye abantu bafanele bangene ngalesosikhathi, futhi nifanele nazise abanye abakade bebuza ngamateyipu, futhi bangene nesivumelwano sabo futhi bahlale phansi futhi bakuxoxisane.

119 Manje, leziziyalo zifanele zenziwe! Niyabo? Futhi kufanele kwenziwe kahle, ngoba kuyasola. Basola uLeo noGene, basola umuntu wonke, kusolwa uMfowethu Maguire, futhi kuzosolwa wonke omunye umuntu, kodwa asithole ukuthi ukusola kwabo kuyini.

120 Manje, kodwa uma amateyipu eqala ukunqwabelana, amabhokisi awo, izincwadi ngamadazini zingena zitheleka, futhi zi. . . Niyabo, akubuyeli emuva kuwele kumenzi weteyipu, kuwela kimi. Bakhala kimi njalo ngakho. Manje, kungumsebenzi omiselwe mina njengomKristu ukubona ukuthi abantu bayakuthola abakukhokhelayo, futhi ngifuna nina baphatheli ukuba nibone ukuthi bayakuthola. Uma bezokhokhisa kakhulu, tholani iteyipu engcono, nithole umshini ongcono, sifuna umuntu enze leyoteyipu oyenza kahle. Yilokho esikukhuthalele. Iteyipu ifanele yenziwe kahle! Nomthengi ufanele eneliseke, noma simise yonke into ngqi, ngeke sibe namateyipu, nje sivumele noma ubani ofuna ukuwenza. Kodwa uma bezokhokhiswa, mababone ukuthi bayakuthola abakukhokhelile, ngoba lobo ubuKristu. Lokho akungaphezu kokwenza.

121 Futhi uma beza lapha ukuzolalela iVangeli, ngifuna ukubanika okungcono ukwedlula konke engikwazi ukuthi ngibanika kanjani (niyabo?) futhi uma beza lapha ngifuna nibone ukuthi wonke umuntu nayo yonke into iyenziwa. Yingalesosizathu ngitshela nina badikoni, baphatheli, nabelusi, lapha kulobubusuku, ukuthi nifanele nikwenze lokhu ncamashi, ngoba abantu beza lapha ukuzothola uNkulunkulu, futhi sifanele sibe nalezizinto zihamba ngenqubo.

122 Namateyipu futhi afanele abekwe endaweni yawo. Uma bekhokhisa kakhulu, uma ninamateyipu awusekeni-klasi abanawo, khona-ke tholani amateyipu angcono. Uma nibakhokhisa kakhulu, nibakhokhisa kakhulu, umuntu akakuthole abakhokhiselwa khona.

123 Anginakho nokukodwa okuncanyana ukuhahela umvuzo wawo, futhi hhayi nowodwa upeni, kanjalo neTarbernakele aliwuhaheli; angifuni niwuhahele. Ningahaheli kulokho, e—emivuzweni yawo. Uma bekhokha okuthize, ngiqagele beningawuthatha umvuzo omncane ngenxa yokuthi enziwa lapha. Ngicabanga ukuthi kukhona into ethize ayisho kuMnu. Miller nabanye mayelana nomthetho, sifanele sithathe imivuzo eyinani elithize noma nokunjalo. Lokho kukini nonke ukubheka lokho. Angihlangene ngalutho nakho kodwa lokho . . . Asihlale ndawonye, nonke nikunake lokho. Ngeke ngakunaka konke, ngiyanitshela nje indlela okufanele kube ngayo nokuthi kufanele kuphathwe. Lokho . . . Futhi niqondile, ngithe "KUFANELE kuphathwe"! Ngakho sifuna lokhu kuphathwe kahle.

124 Futhi uma nizoba ukuba nomshini ongcono wokuyithatha, khona-ke tholani umshini ongcono. Uma kuzoba . . . Manje, ngithe kubo, ngithe, "Konke ukuhlangana-. . . . ukuthunywa kokuthi ngiyongena ensimini, ngingakahambi, ngizonazisa ukuthi yiziphi izinkonzo engizoshumayela ngazo phandle lapho, into esengivele . . ." Futhi nginithembise nonke, engizophinda ngikuteyipe futhi ngeSonto ebusuku, ukuthi "Ngingakashumayeli-mlayezo, ukuthi uyovela kuleliTabernakele kuqala, ngoba babonakala bethola ukuqopha okungcono." Niyakukhumbula lokho na? Ngakho uma ngifika lapha ukushumayela imilayezo yami, bese-ke ngiphuma ngibuyele emuva futhi ngazise umuntu wamateyipu ukuthi zinkonzo-zini. Bayangibuza, "Yiziphi? Uzoshumayelani?" Ngamtshela, "*ngalobu*busuku ngizobe ngiku *s'bani-bani*, futhi *ngalobu*busuku ngiku *s'bani-bani*," ukuze babenayo futhi isilungele umthengi ukuba ayithole khona lapho; abatholele yona kahle, iteyipu engcono kunoma bezoba nayo phandle emhlanganweni, ngoba yenziwa khona lapha eTabernakele lapho imisindo izwakala kahle. Niyabo?

125 Manje, manje ngingena kulokhu okukhulu okuphathelene nevangeli, engizokwenza manje phesheya kwezilwandle nezinto, ngeke ngakwethembisa lokho, niyabo, ngeke ngethembisa ukuthi ngizoshumayela umlayezo wami wokuqala lapha. Ngoba uma uhamba ushumayela, imilayezo, ufanele ube nokuthize oku . . . U—uyaphupha kuwe, futhi uphoqelekile ukuthi uphuphe kulabo abawulalele. Ufanale wenze okwehlukile, niyabo, futhi nje uwulethe njengoba unjalo uMlayezo *lapho*. Kodwa ake babeke umshini ensimini, kumbe noma ngabe kuyini, oyothatha lamateyipu ngokuphelele.

126 Futhi benze iteyipu ephelele, futhi iteyipu ngayinye ibuye idlalwe futhi ihlolwe ingakahambi, noma nje kumiswe yonke into; ungazihlanganisi ngisho ngalutho ngayo, wonke umuntu azenzele iteyipu okungeyakhe. Niyabo? Kodwa yenziwe kahle, niyabo, ukuze lokhu ukukhononda kume. Asifuni-kukhononda

nhlobo. Uma kukhona ukukhononda, asikunake, khona-ke sizokuqeda.

127 Manje, ngizoshesha masinya nje ngokukhulu ukushesha engingakwenza. UBilly unemibuzo cishe emibili ngaphezulu lapha, noma emithathu, sizobe sesiqedile-ke.

**231. Kuze kugcinephi, Mfowethu Branham, lapho elingahamba noma okufanele idikoni lihambe ligcine khona ukugcina ibandla lisenqubweni kahle na? Sifanele siyigcine thina yini inqubo noma silinde size sitshelwe nguMfowethu Neville ukuthi sifanele senzeni na?**

128 Lowo akusiwo umsebenzi kaMfowethu Neville, lowo ngumsebenzi wenu. Niyabo? Animtsheli uMfowethu Neville ukuthi akashumayele ngani, ukuthi akashumayele kanjani. Niyabo, lowo ngumsebenzi wenu, nina badikoni, nifanele nenze lokho. Yinina eninaka lokho. Lokho akulutho kuMfowethu Neville, lowo ngumsebenzi wenu. Niyabo?

129 Manje, uma iphoyisa liphandle lapha emgwaqeni futhi libone umuntu entshontsha impahla eyikhipha ngemuva emotweni, ufanele abize imeya yini futhi athi, "Manje, Meya, wena wakoMkhulu, Mnumzane, ngisebenzela wena lapha kulombutho wamaphoyisa. Manje, ngithola indoda enhla emgwaqeni lapha, i—ibintshontsha amathayi iwakhipha emotweni izolo ebusuku. Manje, angazi nje, uthini owakho umbono ngalokho?" Hhe! Niyabo? Niyabo, lokhu kungebe ukuhlakanipha. Kungaba yikho na? Qhabo, mnumzane. Uma bekukhona okungalungile abekwenza, mbophe.

130 Futhi uma umuntu enza okungalungile lapha ebandleni, kumbe noma ubani, bayekise, khuluma nabo. Ungabi ngozidlayo; kodwa uma bengezukulalela, khuluma ngendlela abazi ngayo ukuthi uthini. Niyabo? Niyabo, njengoba utshela umntwana, ukuthi, "Buyela emuva lapho," futhi angaziphathi kahle. Badikoni, hlalani endaweni yenu! Bekani . . . Nibane, hlalani nibe babili ngaphambili futhi nibe babili ngemuva, kulamakhona kumbe kwenye indawo kanjalo. Futhi niqaphe ngempela, nigade amambuka nakho konke okunye okungena kanje, niyabo. Futhi nihlale nigadile, futhi niye endaweni yenu yokugada futhi nihlale lapho, leso yisihlalo senu; noma nime khona ngasodongweni futhi niqaphe wonke umuntu ongenayo.

131 Idikoni linakekela indlu kaNkulunkulu. Uma kukhona ongenayo, khuluma nabo; yiba lapho ukuba ubabingelele, baxhawule. Yilokho-ke, uyiphoyisa, "Singakukhombisa ikamelo lokugcina impahla yezihambi?" noma "Ungahlala phansi na?" Singakunika incwadi yamaculo noma okuthize na?" noma "Manje sithanda ukuba ujabule lapha, futhi—futhi ukhuleke, futhi—futhi siyajabula ukuthi ulapha nathi kulobubusuku." Nibaholele ngqo phansi endaweni, futhi nithi, "Ungathanda ukusondela kakhudlwana noma ungathanda

ukuba semuva lapha na?" kumbe noma kungaba kuphi futhi. Lokho ngukuphatha kahle izihambi.

132 Iphoyisa (noma idikoni) liyiphoyisa lezempi empini, ubumnene, kepha nokho ngegunya. Niyabo? Niyazi ukuthi liyini iphoyisa lezempi, empeleni lona, uma liwasebenzisa ngokuyikho amalungelo alo, ngicabanga ukuthi lifana nje nomfundisi wamabutho. Niyabo? Kungubumnene nakho konke, kepha nokho linegunya. Niyabo, ufanele ulinake. Niyabo, libeka... Lababakhohlisi baphumela lapho bese bedakwa, ngani, libafaka endaweni yabo. Futhi linjalo nedikoni ukubabeka endaweni yabo.

133 Manje, khumbulani, idikoni liyiphoyisa, nje isikhundla sedikoni sinesandla esiqine kakhulu kunoma cishe impela yisiphi esinye isikhundla esikhona ebandleni. Asikho esinye isikhundla engisaziyo esinesandla esiqine ukwedlula isikhundla sedikoni. Kunjalo, ngoba li—linomsebenzi wangempela, futhi liyindoda kaNkulunkulu. Liyindoda kaNkulunkulu kakhulu impela nje, njengoba umelusi eyindoda kaNkulunkulu. Impela, liyiyo. Liyinceku kaNkulunkulu.

134 Manje abaphatheli, into kuphela, baphansi komsebenzi abawumiselwe nguNkulunkulu ukuba baqaphe lezozimali futhi bakunakekele lokho, izinto ehamba kanjalo. Nginitshelile ngalawomateyipu, na—nangezinye izinto lapha okwenzekayo, maqondana nesakhiwo nokulungisa, nokuthatha izimali nezinto, bangababaphatheli balokho—balokho-ke: impahla, izimali nezinto. Abadikoni akahlanganise lutho kulokho. Futhi kanjalo no—nomphatheli akahlangene nalutho nesikhundla sabadikoni.

135 Manje, uma abadikoni lifuna ukucela usizo lomphatheli kunoma yini, noma—noma abaphatheli olwedikoni, futhi nonke nisebenza ndawonye... Kodwa leyo yimisebenzi emiselwe nina, ukhishwa ngamunye. Niyabo? Kulungile.

136 Manje, qhabo ningaceli kuMfowethu Neville. Uma uMfowethu Neville enicela ukuba nenze okuthize, khona-ke lowo—lowo ngumelusi wenu, ngobumnene nothando nakho konke... Uma engathi, "Mfowethu Collins, Mfowethu Hickerson, Mfowethu Tony, noma ngomunye umuntu, ningake nibone ukuthi yini engalungile emuva lapho ekhoneni." Esemsebenzini wokugada kanjalo niyazi, njengendoda yangempela kaNkulunkulu.

137 Khumbulani, anisebenzeli lona iTabernakele likaBranham, kanjalo futhi anisebenzeli yena uMfowethu Neville noma mina, nisebenzela uJesu Kristu. Niyabo? Ni... Nikwenzela lowo-ke... Futhi U—Uhlonipha ukwethembeka kwenu ngokufanayo nje njengoba Enjalo kulowomelusi kumbe kunoma ubani omunye, Ubheke ukwethembeka kwenu! Futhi sifuna ukukhombisa ukwethembeka kwethu.

138 Manje, ngezinye izikhathi kuba lukhuni. Kulukhuni kimi ukubona umfundisi ehlezi lapho engimthanda ngenhliziyo yami yonke, nje ngempela ngifanele ngimtshele; niyabo, kodwa ngendlela yothando, ngimelulele isandla ukuba ngimsize. Kodwa, niyabo, futhi beza kimi futhi bathi, "Mfowethu Branham, ungumuntu oyisimangaliso nje, yini ungaxegisi kancane kulowombhaphathizo, nanga*lokhu*, *lokho*, no*kunye*, lokho kuphepha, nenzalo yenyoka na?"

139 Ngithi, "Mfowethu, ngiyakuthanda, kodwa manje asithathe nje... asithathe umBhalo futhi sibone ukuthi ubani oqinisile nonephutha." Niyabo, ngifanele ngikwazi uku...

140 "O, manje, Mfowethu Branham, ngiyakutshela, usephutheni ngakho konke." Niyabo, asuke andize aye phezulu.

141 "O," ngithi, "awu, mhlampe ngikulo. Manje-ke, uma ngikulo, impela ubuzongitshela, yini... Uyazi ukuthi nginephutha kuphi, ngakho ngikhombise-ke lapho nginephutha khona." Futhi ngiyavuma ukulithatha, niyabo.

142 Into efanayo, "Hheyi, awuna-msebenzi ukutshela lowomntwana ukuba ahlale phansi." Manje, idikoni li—lingumgcini endlini kaNkulunkulu. Niyabo? Manje uma u... Linakekela indlu kaNkulunkulu futhi liyigcine imi ngokwenqubo. Manje, usho njalo umBhalo, futhi uma kukhona okunye eninakho okufanele kwenziwe yidikoni, nize ningitshele. Niyabo, nanso into efanayo, kodwa lowo—lowo ngumsebenzi omiselwe wena ukwenza lokho, yebo, wesekele nje.

143 Futhi ufanele ungabuzi kumuntu lowo ngu—lowo ngumsebenzi omiselwe wena nje. UMfowethu Neville akabuzi-muntu, ibandla alidinge kubuza... Ngiqonde, a—a—abaphatheli abadingi ukuhamba bayobuza uMfowethu Neville ukuthi—ukuthi uyafuna yini uphahla lubekwe etabernakele. Niyabo? Qhabo, qhabo, lokho akulutho kuMfowethu Neville, akulutho kimi, lokho kukini. Abadikoni abadingi ukuba ba...

144 Indlela efanayo kumelusi. "Uzoshumayela ngani? Angifuni wenze *lokhu*." Akumsebenzi wabo ukuthi basho lokho, yena uphansi kukaNkulunkulu, niyabo, umelusi wabo. Bese kuthi-ke uma—uma—uma... Mfowethu Neville, ushumayela umlayezo iNkosi esinike wona, futhi sonke sikanye kanye kulokhu. Futhi uma ngitshela uMfowethu Neville into eyiphutha, uNkulunkulu ubeka mina icala ngakho. Kunjalo. Niyabo? Ngakho uNkulunkulu unguBasi wakho konke. Niyabo? Nathi sisebenza nje njengamanxusa aKhe, niyabo, phansi lapha kulama-ofisi.

**232. Ngiyacela...**

Umbuzo olandelayo, futhi manje-ke ngicabanga ukuthi sisenomunye futhi futhi si—sizobe sesima-ke.

**Ngiyacela chaza nje ukuthi iziphiwo zezilimi zifanele zisebenze kanjani ebandleni lethu.** Ngikwenzile lokho. **Lingabekwa nini ibandla enqubweni njenge. . .noma nje ukuthi izilimi zifanele zisebenze kuphi?** Sisanda kukuchaza nje lokho.

**233. Nje bangaki o c-h-r-i-s-t-m-a. . .**Ungakubona ukuthi kuyini lokho? [UBilly Paul uphendula uMfowethu Branham, "izinsimbi"—Umhl.] O izinsimbi. **Zingaki izinsimbi esifanele sibe nazo ebandleni ngaphandle kwe-ogani nopiyano?**

145 Awu, kuya ngokuthi uma beninebhendi yezintambo kumbe noma beninani, niyabo. Angazi ukuthi ninani, ukuthi lokhu kusho ukuthini, angikuqondi. Kodwa i-ogani nopiyano kuyimpahla yebandla. Manje, uma umculisi engaba nomcabango wokuba namacilongo namacilongo amakhonethe nokunjalo kanjalo, futhi kubekhona ongena ebandleni futhi bashaye lezizinsimbi. . .Futhi besebhendini, futhi—futhi ke, kusobala, khona-ke lokho okwabaphatheli benu, ukuba kusiwe kubaphatheli futhi babone ukuthi banayo yini imali yokuthenga izinsimbi zabo nokunjalo, kumbe noma yini kanjalo. Ngiqagele yilowo umbuzo wabo.

146 Kodwa uma benezinsimbi okungezabo, kuhle. Uma bengenazo izinsimbi okungezabo, futhi beyilunga lapha lebhendi, hhayi umuntu nje egijimela lapha futhi azishaye ngasikhathi, futhi abuye aziphumele kanjalo, kufanele kube yibhendi ebandleni. Ibandla belingeke lithengele i—i—icilongo umuntu olishaya lapha bese kuthi kusasa ebusuku usekwenye indawo, nakwenye indawo, futhi athi gqi kanye ngasikhathi bese eshaya kancanyana. Qhabo, mnumzane. Kufanele kube yibhendi khona lapha, ibhendi ehlelekile inom—mholi, bese kuba yibandla, kukhulunywe nabo mayelana nokuthenga izinsimbi.

**234. Ngicela uchaze nje ukuthi kufanele sikwenze kanjani. . . ukuthi thina badikoni singabagcina kanjani nje abantu babesendaweni engcwele ngaphambi noma ngemuva. . .Ngicela uchaze.** [UBilly Paul ufundela uMfowethu Branham umbuzo, **"Sibagcina kanjani abantu bethule endaweni engcwele ngaphambili nangasemuva kwenkonzo?"**—Umhl.] O, kulungile.

147 Ngizophakamisa lokhu, bazalwane. Manje, kukhona into enkulu, futhi ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi esiningi ukuba sisifake kukho, ngoba ku—ku. . .ku—kusho okuthize kithi, niyabo. Manje, ibandla alisiyo i. . .

148 Ukuba ubuzo. . .Uma nifuna ukuyihambisa phansi leteyipu ngobunye ubusuku futhi niyidlale ngaphambi kwemihlangano, ukuthi abantu bazokuqonda, lena mayidlalwe; lengxenye nje yeteyipu kodwa kungabi ngokunye, lena nje. Noma yiyiphi

ingxenye yalokhu enifuna ukuyidlalela into ethize, nilokhu niyihambisa nje nize nikuthole, bese-ke niyidlala. Niyabo, ngoba yimibuzo.

149 Manje, abadikoni bebandla, futhi njengoba ngi—njengoba ngishilo, bangamaphoyisa ebandla. Kodwa indlu yokukhonzela ayisiyo indlu yomhlangano omkhulu yo—yokuhlanganyela nobungani nokwesasa. Indlu yokukhonzela iyindawo engcwele kaNkulunkulu! Siza lapha . . . Manje, uma sifuna ukubonana, mangize endlini yakho noma wena uze endlini yami, noma uye endlini yomunye bese niyabonana. Kodwa nje ukwesasela ngasendlini yokukhonzela, nokukhuluma nezinto ezinjalo, akulungile, bazalwane; siza lapha, siyisuse yonke into emqondweni wethu. Ukuba besizokuza lapha . . .

150 Bukani indlela esasivame ukukwenza ngayo eminyakeni eyedlulayo. UDadewethu Gertie wayengumshayi wopiyano. Ngenkathi ngingumelusi lapha, nga—ngadingeka ukuba ngibe ngumelusi, idikoni, umphatheli, nakho konke okunye kanyekanye, niyabo, kodwa nga—ngadingeka ukuba ngikwenze. Manje anidingi ukuba nikwenze ngaleyondlela, niyabo, ngoba ninaye umuntu wokuba akwenze lokhu. Kodwa uma i . . . Nganginabangenisi, uMfowethu Seward nabo bonke abanye emnyango. Babenezincwadi zinqwabelene lapho emnyango, zihlezi esitulweni, noma into ethize noma enye. Futhi uma kukhona ongenayo, ubakhombise indawo yokulengisa ibhantshi lakho noma ubasize baye esihlalweni sabo, ubanike incwadi yamaculo futhi ubacele ukuba "babesemkhulekweni." Bese kuthi bonke abantu bahlale esihlalweni sabo futhi ngokuthula bakhuleke kuze kube yisikhathi sokuthi kuqalwe. Niyabo? Bese kuthi ngesikhathi sokuthi kuqalwe, uDadewethu Gertie, umshayi wopiyano, asukume lapho futhi aqale umnyuziki ngaphambi . . . uma abantu be—beqoqana.

151 Ngiphakamisa ukuthi umshayi wenu we-ogani asukume lapho nomnyuziki omnandi ngempela. Futhi uma kwenzeka engekho lapha, ufakeni eteyipini bese-ke niwudlala, noma into enjengaleyo. Futhi nibe nomnyuziki, umnyuziki ongcwele omnandi ngempela okhalayo. Ngakho . . . Futhi nicele abantu . . . Futhi uma abantu elokhu ekhuluma futhi eqhubeka kanjalo, omunye wabadikoni akasukume embhobheni phezulu lapho edeskini athi, "sh, sh, sh," kanjalo. Athi, "ETabernakele lapha, si—sifuna nize nizokhonza. Asingabangi umsindo manje, lalelani umnyuziki. Thola isihlalo sakho, uhlale phansi, uhloniphe (niyabo?), ukhuleke noma ufunde iBhayibheli. Lokhu endaweni engcwele lapha yilapho iNkosi ihlala khona. Futhi sifuna wonke umuntu ahloniphe ngempela futhi akhonze, hhayi ukuba alokhu egcogcoma, ekhuluma phambi kwezinkonzo. Zihlanganise, futhi uze lapha ukuba uzokhuluma neNkosi. Niyabo? Kuphakathi kokuthi ube semkhulekweni othule, niyabo, noma ufunde iBhayibheli lakho."

152 Ngenkathi ngiyongena ebandleni iMarble enhla lapho e—e. . .uNorman Vincent Peale, nike nezwa ngaye, niyabo. Futhi ngahamba ngayongena e. . .Enkulu injulamqondo, unguthisha, niyazi. Futhi ngangena ebandleni lakhe, ngacabanga nje ukuthi, "Bengifisa sengathi iTabernakele lami lingakwenza lokho futhi." Labobadikoni bemi khona lapho emnyango masinya nje lapho ungena. Bona, kusobala, bakunikeza islipu sikaSonto sikole, bakuthathe bakuyise phansi ngqo. Wawufanele uthulule kathathu, uyazi, lihlala kuphela cishe amakhulu amane noma amahlanu, niyazi; neNew York yindawo enkulu, futhi uyindoda ethandwa ngabantu. Futhi ngicabanga ukuthi babeba neklasi elilodwa ngeleshumi nqo nelilodwa ngeleshumi nanye, intshumayelo efanayo iphindwe nje futhi impela, inkonzo efanayo nse, ishidi elifanayo lephepha. Kodwa uma sebephuma, futhi babenemi (ngiyakholwa) zuzu emihlanu yebandla ukuba kube yiyo nse. . .Akekho omunye umuntu owayengangena baze baphume, kwase kuthi-ke abadikoni bavula indlela nelinye ibandla lagcwala phama. Babenalezozihlalo ezindala zamabhokisi, niyazi, bangena *kanjalo*, base behlala phansi emabhentshini lapho ovula khona umnyango. Nefeshini endala, selime lapho cishe—cishe lapha emakhulwini amabili eminyaka, ngiqagele, ibandla elidala iMarble selinesikhathi esingako.

153 Futhi wawungawuzwa uphini uqathaka nomaphi kuleyondlu yokukhonzela, futhi wonke umuntu esemkhulekweni okungenani imizuzu engamashumi amathathu ngaphambi kokuba kuze kushaywe inothi e-oganini iculo lesingeniso. Futhi nje wonke umuntu esemkhulekweni. Ngacabanga, "Kwaze kwayisimangaliso!" Bese kuthi lapho lowomelusi. . .Leloculo lesingeniso, cishe. . .Ngicabanga ukuthi badlala iculo lesingeniso elilodwa cishe imizuzu emithathu kuya kwemihlanu, *UmuKhulu*, noma yinto efana naleyo, futhi baqhubeka kanjalo. Kwathi-ke uma sebekwenza, wonke umuntu wayeka ukukhuleka futhi wayelalele iculo lesingeniso. Niyabo, kuletha uguquko, kusuka emkhulekweni kuya eculweni lesingeniso. Kwathi-ke uma sebelidlalile lelo, umculisi wekhwaya wase ebhidisa ikhwaya. Base bebaneculo lebandla *ne*khwaya. Base-ke belungela iklasi labo likaSonto sikole. Niyabo? Kwase kuthi-ke—kwase kuthi-ke lapho sekuphelile, akukho okunye okwakwenzeka ngaphandle kokukhonza kwaphezulu, ngaso sonke isikhathi, futhi yilokho esikuzela lapho.

154 Futhi ngicabanga ukuthi bekungaba yinto enhle uma ibandla lethu. . .Futhi ngisho lokhu nje, sizokwenza. Niyabo? Asikwenze. Uma umuntu enza noma yini, into. . .Futhi ngicabanga ukuthi kungaba yinto enhle. Uma kuyinto enhle, khona-ke asikwenze. Niyabo? Asifuni ukuyibeka eceleni noma yiphi into enhle, sizoyenza, empeleni. Niyabo? Futhi nje baqhubeke futhi—futhi bame lapho futhi uma beqala

ekuseni, noma into efana nalokho, abantu bevakashile, akuthi nje omunye, noma omunye waba—omunye wabadikoni, noma omunye umuntu enyukele lapho bese ethi, "Kwenziwe kwaba ngumgomo eTabernakele lapha . . . "

155 Angazi noma bayakwenza yini, bangahle—bangahle ukuthi bayakwenza. Angikho neze lapha, niyabo, angazi. Angikho neze lapha ngaphambi kwezinkonzo.

156 Futhi uma bengena futhi baqale ukukhuluma, omunye akasukume lapho athi, "Sh-sh-sh, kancane nje." Niyabo? Akuthi i—akuthi i . . . Nithole uDade omncane, nimenyusele lapho futhi nimdlalise lowomnyuziki. Uma ningakwenzi, ufakeni eteyipini futhi niwukhiphele lapho, niyabo, womnyuziki we-ogani. Futhi nithi, "Manje si . . . Kukhona umgomo omusha eTabernakele. Uma abantu bengena lapha, asifanele sinyenyeze noma sikhulume, kodwa ukukhonza. Niyabo? Manje, imizuzu embalwa nje inkonzo izobe isiqala. Kuze kube yilesosikhathi, nje funda iBhayibheli lakho noma ukhothamise ikhanda lakho futhi ngokuthula ukhuleke." Futhi izikhathi ezimbalwa kanjalo, bazofunda bonke. Niyabo? Niyabo?

157 Uma uzwa umuntu ekhuluma, bese kufika phansi . . . okwasemva kwezikhathi ezimbalwa kanjalo, emva kwesikhashana ufike endaweni lapho umuntu ethi . . . Ubone umuntu ekhuluma, engekho omunye umuntu okhulumayo, niyabo, awu, bese omunye wabadikoni enyuke bese ethi, "Si—sifuna nikhonze ngesikhathi senkonzo." Niyabo? Niyabo, akusiyo indlu yokuxoxa, yindlu yokukhonzela. Niyaqonda na?

> Ngicabanga ukuthi bekuyilokho: **Ngicela uchaze . . .** (Yebo. Ake sibone. Yebo) **. . . Ngicela uchaze ukuthi kwenziwa kanjani . . . abadikoni bafanele . . . endaweni engcwele.** Yebo, yilokho kuphela. Kunjalo. Yilokho.

Kulungile, manje nanku owokugcina:

**235. Mfowethu Branham, ngenkathi kade sinamathuba ekuqaleni kwenkonzo . . . Ngi—ngi . . . icomp- . . .**

Nakuba sasinokukhononda. Kubhalwe kwaba kuncane ngempela. Nokuthi **"sasinezinkonondo,"** akunjalo na? [UBilly Paul uyaphendula, "Ehhe," futhi uyaqhubeka esiza uMfowethu Branham ufunda umbhalo omncane—Umhl.]

> **. . . sasinokukhononda ekuqaleni kwenkonzo. Sine . . .** (ake sibone) **. . . Si—si—sinamaculo, izimfakazo, nemikhuleko, nezicelo zemikhuleko, ukucula okuyisipesheli, ne m-a- . . . mhlawumbe sikuthole . . . singene emlayezweni ngeleshumi nanye, ku . . . noma kamuva, kodwa singabi naso isikhathi esiningi kakhulu seZwi. Abanye babantu bayayaluza futhi baze bahambe phambi kokuba i—i . . . ngaphambi—ngaphambi kokuba iphele. I . . . Ngicela uchaze ukuthi amaculo amangaki, futhi sikhathi sini sokuqala umlayezo. Futhi nge—ngesinye isikhathi sinezicelo zomkhuleko—**

**mkhuleko futhi kugcina sekungumhlangano wezimfakazo, izinto ezinye ezi—ezinga . . . azibonakali sengathi zikahle ngalesosikhathi.**

158 Manje, ngethemba ukuthi nginakho lokho. UBilly uzama ukungisiza lapha. Phezu kweteyipu, ufanele u . . . omunye phakathi kwethu angahle . . . umhlangano, enkonzweni, elalele ukuthi lokhu kwakuyini, nguBilly ezama ukungisiza ukukufunda ngoba kubhalwe ngokuncane impela, impela, futhi angikwazanga ukukufunda. Nginombono osabalele nje, ungukuthi, "Mangaki amaculo esifanele siwacule ngaphambi kokuqala inkonzo, nokuthi inkonzo ifanele iqale ngasikhathi sini?"

159 Manje, into yokuqala engifuna ukuyenza lapha ngukuvuma. Futhi uma nginephutha, ngifuna ukuvuma "Nginephutha." Niyabo? Futhi ngi—futhi ngi—ngizovuma lapha ukuthi ngiwuhlobo oluhamba phambili kulokho." Ngoba bekuyimi ebengibamba lezizinkonzo ezinde nezinto, yilokho okufake ibandla kulomjikelezo (niyabo?) wokwenzenjalo, kodwa akufanele. Futhi manje, khumbulani, ngine . . . ngi . . . Nginitshela nonke, "NgeSonto ebusuku, uma iNkosi ithanda, ngeSonto ebusuku, ukuthi, ngizama ukwabela izinkonzo zami kusukela emva kwalokhu, uma ngizodingeka ngihlale iviki ngaphazulu, kuya cishe emizuzwini engamashumi amathathu noma engamashumi amane kwemide kunayo yonke yezinkonzo zami."

160 Ngoba ngithole lokhu, ukuthi inkonzo e . . . Iyama, nomlayezo unikezelwa ngamandla; uma uqhubeka kakhulu, uyabakhathalisa abantu futhi abawutholi. Isizathu sokuthi kade ngiwunikezela . . . kade ngakwazi lokho. Niyabo? Izikhulumi eziphumelela kakhulu yilezo ezinakho ncamashi . . . UJesu wayengumuntu wamazwi ambalwa, qaphelani izintshumayelo zaKhe. Qaphelani intshumayelo kaPawulu ngoSuku lwePentekoste, mhlawumbe yayimthathe imizuzu eyishumi nanhlanu, futhi washaya ngesibhakela i . . . lapho, into e—e—eyathumela imiphefumulo eyizinkulungwane ezintathu eMbusweni kaNkulunkulu. Niyabo, ungene nje ephuzwini ngqo. Niyabo?

161 Futhi ngi—nginecala. Ngoba, isizathu esenze ngenze lokhu, hhayi ngoba bengingakwazi okwehlukile, kodwa ngenza amateyipu (niyabo?), nalamateyipu ayodlalwa ezindlini amahora ngamahora ngamahora. Kodwa njengoba nizothola ngeSonto elizayo, isizathu esenze ngakwenza, ngaleliSonto elizayo, isizathu esenze ngenza lezizinto . . . Ngingakusho khona manje eteyipini. Isizathu sokuba ngenze lokhu yingenxa yalesisisindo esikhulu kakhulu esiphezu kwami ngoMlayezo walelihora, ukuba ngiWukhiphe. Manje uMlayezo usuphumile, manje ngithatha imizuzu engamashumi amathathu noma into efana naleyo, emva kokuqala konyaka, emihlanganweni yami

phandle e . . . ndawo zonke engihamba kuzo, futhi ngizama futhi ngize ngisho ngisethe iwashi lami emizuzwini engamashumi amathathu, noma kungeqi emashumini amane ikakhulu; ngihlohle kulowoMlayezo, futhi ngibizele ealtare uma ngi . . . kumbe noma yikuphi engizokwenza, noma ngibize umugqa womkhuleko; futhi ngingasithathi lesosikhathi esingako, ngoba uyabakhathaza abantu. Ngiyakwazi lokho.

162 Kodwa bukani lapha. Ngiqagele, ngonyaka, akaze sibenalo idazini labantu abasukumayo baphume bahambe, futhi ngezinye izikhathi ngibahlalisa lapha amahora amabili namathathu. Niyabo? Kunjalo. Ngoba bekungukwenza lamateyipu eliya emhlabeni wonke (niyabo?); nabantu phandle lapho, bayohlala amahora futhi balalele Lokho; nabefundisi, nokunjalo, iJalimane, i Switzerland, i Afrika, i Eshiya, nasezindaweni zonke, niyabo, belalele Lokho.

163 Kodwa, niyabo, okwendawo engcwele, okwebandla . . . Futhi lokho kulungile. Uma ulapha wenza iteyipu, futhi uneteyipu yamahora amabili, ufake umlayezo wamahora amabili kuyo; kodwa uma ungenzi iteyipu yento enjengaleyo, khona-ke unqume umlayezo wethu, niyabo, unqume umlayezo wethu phansi. Ngiyanitshela ukuthi kungani, kukhona agcwala kalula, amanye agcwala isikhathi eside, niyabo, kanjalo, futhi ufanele ubenokujabula okulingene phakathi kwalokho.

164 Futhi manje, izikhathi eziningi siyazona izinkonzo zethu ngomhlangano wezimfakazo oqhubeka isikhathi eside, engaziyo ukuthi nginecala lokukwenza. Futhi uphume lapho esasivamise khona ukuba nomhlangano wasemgwaqeni, futhi udedele omunye umfowethu osemdala ame phandle lapho, futhi uyophuma ame . . . Futhi acelwe ukuba abe nezwi lomkhuleko, futhi uyokhulekela imeya yedolobha, nombusi wesifundazwe, nanoMengameli weNyunyana, na—nawo wonke umuntu kanjalo, nabo bonke abelusi abalapho, niyazi ngamunye ngesibalo, noDadewethu Jones osesibhedlela, nezinto ezinjalo; nabantu bemile, bedlula emhlanganweni osemgwaqeni, belokhu nje—belokhu nje behamba. Niyabo? Wayevele abakhathalise. Awu, nje i . . .

165 Niyabo, into enkulu manje, umkhuleko wakho ufanele ube sekusithekeni, owakho omkhulu, umkhuleko omude. Ukhuleke konke . . . Ngena ekamelwaneni elisekusithekeni, uvale umnyango. Yilapho ofuna khona ukukhuleka usuku lonke, ubusuku bonke, noma amahora amabili, ukhuleka lapho. Kodwa phakathi lapha, lapho onakwe khona abantu, fishanisa umkhuleko wakho, masinya, kuwo. Yenza yonke inkonzo yakho . . . Futhi ubeke isikhathi sakho senkonzo esiningi kakhulu kuleloZwi. Yileyo into enkulu! Hlohla leloZwi kakhulu ngakho konke, niyabo, finyelelisa iZwi kubantu.

166 Manje, nasi isiphakamiso sami. Manje, manje khumbulani, ngivumile ukuthi nginecala ngokuhola lokhu. Kodwa-

ke nginitshelile ukuthi kungani ngikuholile, ngenza amateyipu amahora amabili ukuba athunyelwe phesheya kwezilwandle nasezindaweni zonke, oMlayezo, niyabo. Kodwa ibandla alifanele likwenze iphethini lokho (umlayezo lapha eTabernakele) emva kwalawoma-teyipu (amahora amabili) ukuba aye ezindaweni, niyabo, futhi aphume kanjalo.

167 Manje, nakhu inqubo yenu e. . . Ake ngininike isibonelo nje. Kuzolunga lokho, isiphakamiso na? Ngizothi indlu yokukhonzela ifanele ivulwe iminyango yayo ngesikhathi esithize, ibandla lingene, amaculo aculwe. Futhi wonke umuntu angene ukuba akhonze, hhayi ukuvakasha. Futhi ningabavumeli bavakashe kamuva, nibatshele ukuba ba "Phume bese beya phandle, hhayi ukuthi bavakashe. Uma benifuna ukuvakasha, nanto lonke ingaphandle. Kodwa lena yindawo engcwele, lena mayigcinwe ihlanzekile." Manje, uma uMoya weNkosi usebenza lapha, asiyigcine inguMoya weNkosi. Niyabo? Futhi—futhi Uyolokhu usebenza. Uma ningakwenzi, makani amazwi ami nje, izowa; izowa impela. Futhi asiyigcine, ngumsebenzi omiselwe thina, yingakho ngilapha kulobubusuku. Nje sigcine lento isemgqeni ngalezi—ngaleziziyalo.

168 Manje bukani, ngingasho lokhu. Imvama, ngaphandle uma sikhipha ikakhulukazi. . . futhi nibatshele ukuthi nizoteyipa umlayezo. Niyabo? Manje, uma uMfowethu Neville enomlayezo lapha azo. . . enomlayezo afuna ukuwunikeza abantu, uphume ngeteyipu, noma okuthize, athi, "Manje, ngeSonto elizayo ebusuku sizoteyipa iteyipu yamahora amabili," iteyipu yamahora amathathu, kumbe—kumbe noma kungaba yini okunye. "Sizonikeza eyamabili-noma iteyipu yamahora amathathu," kumbe noma kungaba yini, "ngeSonto elizayo ebusuku." Bese-ke abantu beyazi. Kothi-ke uma bengena, nithi "Manje, sizoteyipa umlayezo kulobubusuku. Futhi nginomlayezo lapha ongomunye. . . Ngifuna uteyishwe futhi uthunyelwe ngaphandle. Bengi. . . Ngizwa ngiholeleka ekuthumeleni lomlayezo ngaphandle. Futhi uzotheyishwa, ungahle ube amahora amabili, amahora amathathu, noma ngabe kuyini." Nisho lokho.

169 Kodwa, ngokuvamile, njengoba ngenza nje uma ngiya endaweni njengaleyo yemihlangano yosoMaBhizinisi, noma ngiphandle emihlanganweni yami phandle lapho kwenziwa umugqa womkhuleko. Uma ngime lapho bese nginikeza umlayezo wamahora amathathu obusuku ngaphambi kokuba nenkonzo yokuphilisa, niyabona ukuthi kungibekaphi? Niyabo? Ngani, abantu, ngobusuku obulandelayo ibandla lakho linguhhafu kulokho ebeliyikho. Niyabo? Ngoba nje ngeke bakwenze, bafanele bahambe bayosebenza nakho konke.

170 Ngingaphakamisa lokhu, ukuthi ngokuvamile. . . Manje, ngiqaphele uMfowethu Neville izolo ebusuku ngenkathi eshumayela. Manje, ngiyazi sonke. . . Lowo bekungumlayezo

othusayo. Ngithathe amanothi akhe, nginawo lapha ephaketheni lami, ngingakusebenzisa kweminye imilayezo yami. Kunjalo. *INdlela YokuPhunyuka*, niyabo, futhi lowo bekungumlayezo omangalisayo. Niyabona ukuthi uwuqede masinya kanjani lowo na? Niyabo, cishe imizuzu engamashumi amathathu-nanhlanu, niyabo, futhi u—ubesewuqedile. Niyabo? Manje, lokho bekukuhle. Manje, futhi uMfowethu Neville, ngokwejwayelekile imilayezo yakhe injalo. Niyabo, lokho akukude. Niyabo? Kodwa lapho obulala khona umlayezo wakho yiyoyonke leyonto edonsiweyo ngaphambi kokuba ufike kuwo. Niyabo?

171 Manje, futhi—futhi lapho owenza khona lokho... Manje, ngiyazi, futhi manje bukani, angikusho lokho ukuba nginganihloniphi nina baphatheli, noma abadikoni, noma—noma umelusi, kodwa ngiyanitshela nje: bukani okuyiQiniso, futhi yilokho okufanele kube yikho. Manje, nina... Okukwenzayo, manje, wonke umuntu, nonke ninesimo sobuntu, nonke umuntu ngamunye ninesimo sobuntu. Ukuba bekungenjalo, bengizothi, "Nonke ngaphandle kukaMfowethu *u S'bani-bani*, akanaso isimo sobuntu, sonke siyamkhulekela." Kodwa ni—ninazo izimo zobuntu, futhi ningababekezelayo, abamnene, umuntu owohlobo olunokuthula. Lokho kuhle, kodwa ningaziphathisi okwesitabane ngalokho.

172 UJesu wayenesimo sobuntu, naye, kodwa uma sekufika isikhathi sokuthi asho izinto, "Kulotshiwe, 'Indlu kaBaba waMi yenziwa indlu yomkhuleko,' futhi nina niyenza umhume wabaphangi." Niyabo? Wa—Wayazi ukuthi wayefanele akhulume nini nokuthi akafanele nini. Lokho—lokho—yilokho okufanele sikwenze. Niyabo? Wayengakaze—wayengakaze abekhona umuntu owayenjengoJesu, WayenguNkulunkulu. Futhi khumbulani, Waze ngisho... Nikhuluma ngokuba yidikoni ebandleni, Wa—Wazibambela mathupha! Weluka izintambo ezithize wazihlanganisa, futhi Akazange alinde ukuba abakhiphe ngobunono, Wabashaya wabakhipha (niyabo?), endlini kaNkulunkulu. Futhi Wayebambe iqhaza lokuba yidikoni, isibonelo *kinina* badikoni. Niyabo, Wayeyisibonelo senu. "Futhi manje, ku—kulotshiwe, 'Indlu kaBaba waMi yenziwa indlu yomkhuleko.'" Manje, khumbulani, uJesu wayeyidikoni lapho, niyazi ukuthi uJesu wayethatha ingxenye yedikoni.

173 Ngenkathi Efika engxenyeni yokuba ngumelusi, Wathini na? "Nina baFarisi abayizimpumputhe, baholi abayizimpumputhe!" Niyabo, Wayethatha ingxenye yomelusi ngaleyonkathi.

174 Futhi lapho Ebatshela ukuthi kwakuzokwenzekani, Wayesethathe indawo yomprofethi-ke. Niyabo?

175 Futhi lapho befuna ukuthi kufanele kuthelwe, Wayethathe ingxenye yomphatheli, "Petru, yehla bese uphosa ihhuku emfuleni, nenhlanzi yokuqala oyiphakamisayo inohlamvu

lwemali emlonyeni wayo. Bakhokhele, niyabo, ukhokhe izikweletu zakho ezifanele." Wathi, futhi, "Nikani uKesari okukaKesari, uNkulunkulu okukaNkulunkulu."

176 Wayebhanqe ukuba umelusi, umprofethi, umphatheli, nedikoni. Impela wayeyikho! Ngakho-ke niyabona Akwenzayo, lokho makube yisibonelo senu endlini lapha kuleliTabernakele likaBranham, esifuna ukuba yindlu Azohlonishwa phakathi kuyo ngakho konke, onke ama ofisi, yonke indawo, ukuba kungabibikho okuthathwa kubuyiselwe emuva. Lapho kubekhona ubumnene, nobumnandi, nomusa, kodwa nje kuqonde emgqeni, wonke umuntu abesendaweni yakhe yokugada. Niyabo? Yileyondlela, yileyondlela Akufuna ngayo. Akenyelanga neze. Uma sekufika esikhathini sokuthi, abize *ukuthi* kwaku*yikuthi*, Wayekubiza. Lapho sekufika isikhathi sokukhombisa ubumnene, Wayebukhombisa-ke ubumnene. Wayenomoya omuhle, enomusa, eqonda; kodwa engathambi, futhi yonke into yayiqonde ngqo kuYe, futhi Wakwenzela isibonelo senu lokho. Manje, uMoya oNgcwele, usanda kunginika lokho nje. Ngakho angizange neze ngicabange ngalokho, Yena eyidikoni, ngaphambilini, kodwa Wayeyilo. Niyabo? We—Wenza njengedikoni.

177 Manje ngingasho lokhu, ake sithi uma izinkonzo zenu beziqala ligamenxe elesikhombisa, uma leso kuyisikhathi, vulani indlu yenu yokukhonzela uhhafu wehora ngaphambili, ngelesikhombisa nqo. Akuthi umshayi wopiyano . . . Tshela umshayi we-ogani . . . Niyamkhokhela? Nonke niyamkhokhela umshayi we-ogani? Uyakhokhelwa, noma umshayi wopiyano? Ukwenza ngokuzithandela. Mceleni ngobumnene. Ngisho noma efuna ukukhokhelwa ngalo, ukuba nimnike okuthize ngalo, nimtshele ukuthi simfuna abekhona uhhafu wehora ngaphambi kwenkonzo. Futhi uma ethi "Awu, angikwazi ukukwenza," noma okuthize, ukukhononda, ngakho nithi nje akeze lapha futhi enze iteyipu yomnyuziki we-ogani othize omnandi. Niyabo? Futhi nidedele . . . lokho nikufake e . . . Akadingi ukuba abelapha ngaso sonke isikhathi, hlelani iteyipu yenu. Niyabo? Akuthi omunye wabadikoni, abaphatheli, kumbe noma ubani ovulayo, umlindi-mnyango, ayibeke phezulu lapho, ayivule iteyipu, futhi ayidlale ngenkathi abantu bengena. Niyabo? Isizathu uma abadikoni bengekho lapha, noma omunye umuntu, makube umphatheli noma omunye umuntu abe lapha ukuba akwenze, bese niwadlalisa ingxenye yehora.

178 Kodwa ligamenxe ngempela elesikhombisa, leyonsimbi ephezu kwendlu ayikhale. Niyabo? Nisenayo insimbi yenu phandle lapho? Yebo. Kulungile, insimbi yenu mayikhale ligamenxe elesikhombisa, futhi lokho kusho ukuthi asisezukuhamba sehla senyuka endlini yokukhonzela futhi sixhawulane noJones nakho konke lokho. Umculisi akabe semsebenzini awumiselwe! Uma kungekho-mculisi lapho,

abadikoni ababheke ukuthi kukhona...noma i...babone ukuthi ukhona umuntu wokuqala ukuhola amaculo uma leyonsimbi iqala ukukhala. "Phenyani encwadini yenu yamaculo, unamba *s'bani-bani*." Niyabo? Makube ligamenxe nqo e—elesikhombisa.

179 Kulungile, bese niba neculo lebandla, bese-ke mhlawumbe iculo lesibili lebandla, bese-ke niba nothile osekukhulunyiwe naye vele (uma ungahle ukwazi) ukuba ahole ngomkhuleko. Akuthi u—umelusi, noma ngabe...Awu, umelusi akafanele abe lapho, u—umculisi kufanele kube nguye owenza lokho. NguMfowethu Capps, ngiyacabanga. Niyabo, uzokwazi ukuthi kufanele kwenziweni, ma—makabe nomunye okhulume... noma kube nguye ohola ngomkhuleko. Asukumise ibandla ngomkhuleko niyabo, lisukume nje, futhi kubekhona ohola ngomkhuleko. Manje, uma ningaqapheli...

180 Manje, sikholwa ukuthi wonke umuntu ufanele eze endlini kaNkulunkulu futhi akhuleke, leyo yi—leyo yindawo yomkhuleko. Kodwa uma nikuleyondawo engcwele, nonge isikhathi senu. Niyabo? Nibabize bonke bazungeze ialtare, nizothola ukuthi kuzobakhona umuntu ozoba lapho imizuzu eyishumi nesihlanu, imizuzu engamashumi amabili, nesikhathi senu sonke sizophela.

181 Akuthi esenu...niyabo, ukukhuleka kwenu kusekhaya. UJesu wathi, "Uma nikhuleka, ningami njengoba kwenza abazenzisi, futhi—futhi eside...mhlawumbe umkhuleko omude, futhi nisho *lokhu, lokho*, noma *okunye*, na—nakho konke kanjalo kube ukubukisa." Niyabo? Wathi, "Uma wena umkhuleko wakho...khuleka, ngena ekamelwaneni, ikamelwana elisekusithekeni, uvale umnyango emva kwakho; ukhuleke kuyiHlo obona ekusithekeni, Uyokuvuza obala." Manje, yileyondlela yokuba nomkhuleko osekusithekeni, yilokho Athi akwenziwe.

182 Kodwa uma nina, omunye umuntu, uma bengena, njengomculisi, athi, "Kulungile..." Emva kweculo lokuqala, bese-ke nikhulekisa omunye, kumbe noma ubani, umkhuleko omfishane nje. Ungasukumi ukhulekele bonke ababusi, nokunjalo kanjalo. Uma zikhona izicelo zomkhuleko, makwaziwe, masithunyelwe, mazithunyelwe. Sibhale, uthi, "Lapha." "Okwalobubusuku, ngokuba nomkhuleko, sikhumbula uDadewethu u*S'bani-bani*, uMfowethu *S'bani-bani* esibhedlela, u*S'bani-bani* no*S'bani-bani,* no*S'bani-bani*. Ubakhumbule emikhulekweni yakho usakhuleka. Mfowethu Jones, ungasihola ngomkhuleko. Asisukume." Niyabo? Masibekwe emsamo. Ubatshele, ubejwayeze lokho, "Uma unesicelo somkhuleko, sibeke phezulu lapha, phezulu *lapha*." Ungakhulumi, "Ubani onesicelo manje, ungasazisa ngoku..." Bese-ke, into yokuqala, kusukuma umuntu athi, "Udumo kuNkulunkulu!" Futhi niyazi, aqale kanjalo, nento yokuqala

niyazi, nguhhafu wehora ngaphambi kokuba bahlale phansi ngezinye izikhathi. Niyabo?

183 Sinesibopho salelibandla, hhayi amanye; lesi yisibopho sethu kuNkulunkulu. Lezizikhundla ziyisibopho senu kuNkulunkulu. Niyabo? Isizathu sokuba ngime lapha kulobubusuku, nginitshela konke lokhu, yingoba yisibopho sami kuNkulunkulu; kuyisibopho senu ukuba nikwenze. Niyabo?

184 Manje, futhi uma into enjalo . . . umuntu akahole ngomkhuleko, futhi uma benza, lokho kuhle, mabahole ngomkhuleko bese behlala phansi.

185 Futhi uma ni—ninesipesheli . . . Manje, ngeke ngakusho lokhu, ngeke ngahambisana . . . Futhi uma noma ubani efuna ukucula isipesheli, kumemezele ebandleni. Batshele ukuthi "Noma yiziphi izipesheli, kumbe noma yini efuna ukuculwa, mababonane nomculisi ngaphambi kokuba kuze kuqale ibandla." Futhi babenalo . . . Athi, "Awu, ngiyaxolisa Mfowethu, ngithanda . . . impela ngiyathanda ukukwenza, kodwa ngi—nginesipesheli sami kulobubusuku. Mhlawumbe uma ungitshela ukuthi uzoba lapha ngobusuku obuthile, ngizokubekela khona ohlelweni. Niyabo, nginohlelo lwami olubhalwe lapha."

186 Akuthi—akuthi uMfowethu Capps kumbe noma ubani ohola amaculo . . . Futhi kube nomculisi, akunandaba ukuthi ubani. Futhi angabasukumisi bese bethi . . . noma baqhube kakhulu, bangumshumayeli, niyabo. Bamise lapho futhi bahole amaculo, lowo ngumsebenzi wabo.

187 Kungumsebenzi womelusi ukushumayela, niyabo, hhayi ukuhola amaculo. Akufanele ahole amaculo, umculisi uhola amaculo. Unesibopho, futhi ufanele aphume ehlumelelekile ephansi kogcobo lukaMoya oNgcwele, ephuma eofisi phakathi lapho, ndawo ndawo, uma kufika isikhathi. Akadingi nokuthi abe semsamo ngenkathi lokhu kwenzeka. Akahlale eofisi ngemuva lapho, niyabo, noma ngemuva phakathi lapha, kumbe noma kukuphi, nemishini ezwakalisa amazwi lapha izolingenisa (niyabo?) uma sekuyisikhathi. Uma esezwa lelo lokugcina . . . uma kukhona isipesheli, njengosicula ngayedwana, os'cula ngababili, noma ngokuthize, okweculo lenu lesithathu. Niyabo?

188 Ukuthi nibe namaculo amabili ebandla, umkhuleko, umnikelo wenu (uma nizowuthatha). Futhi wonke umuntu akabe semsebenzini wakhe wokugada. Athi, "Kulungile, sisacula leliculo lokugcina manje, uma abangenisi bevuma, abaye phambili bayothatha umnikelo wakusihlwa." Niyabo? Futhi besaqeda ukucula leloculo, nangu abangenisi bemi lapha. Uthi, "Kulungile, manje sizoba nomkhuleko," bese benikela umkhuleko, "Sifuna ukukhumbula u*S'banibani*, lapha, no *S'banibani*," bese bekufunda lokho, niyabo, kanjalo, kanjalo. "Kulungile, wonke umuntu ame. Mfowethu, ungasihola ngomkhuleko." Bese-ke kuphela konke.

189 Bese kuthi besacula leliculo lesibili, kumbe noma yini eniyiculayo, ni. . . nithathe umnikelo wenu uma nizothatha umnikelo wenu. Niwushiye . . . Ngizothatha iculo lenu lokuqala, bese-ke niba nomnikelo wenu wakusihlwa, bese-ke niqhubeka neculo lenu lesibili, bese-ke nize niyoqeda. Bese kuthi iculo lenu lokugcina lapha . . . Akuthi iculo lenu lokugcina, niyabo, libe elokubiza umelusi. Futhi masinyane nje sekuculwa lelohubo lokugcina, iogani ayiqale ngeculo eliyisingeniso senu—senu, umelusi wenu aphume. Niyabo, yonke into ihamba ngenqubo, wonke umuntu uthule. Ayikho enye into efanele ishiwo. Lonke idikoni lisendaweni yalo yokugada. Umelusi emi lapho.

190 Uyaphuma, ubingelela izethameli zakhe, uphendukela encwadini yakhe bese ethi, "Kulobubusuku, sifunda eBhayibhelini." Niyabo, emva kokuyilungisa, "Sifunda eBhayibhelini." Futhi kuyinto enhle ngesinye isikhathi uma uthi, "Ekuhlonipheni iZwi likaNkulunkulu, asime ngezinyawo zethu sisafunda iZwi." Niyabo, bese ufunda, "Kulobubusuku, ngifunda eNcwadini yamaHubo," kumbe noma iyiphi. Kumbe noma uthi ayifundwe ngomunye, umculisi, noma obambisene naye, omunye lapho onawe, uthi akayifunde noma ngabe ubani; kodwa kungaba ngcono kakhulu uma ifundwa nguwe uqobo, uma ungakwenza. Bese uyifunda kanjalo, bese-ke uthatha indikimba yakho. Uyabo? Futhi lesosikhathi esingako, ususebenzise cishe imizuzu engamashumi amathathu, sekulapho-ke impela cishe kwelesishiyagalombili nqo.

191 Futhi kusukela kwelesishiyagalombili kuya cishe eshumini nanhlanu ngaphambi kwelesishiyagalolunye, lapho nje phakathi kwemizuzu engamashumi amathathu namashumi amane-nanhlanu, leneke leloZwi phakathi lapho njengoba uMoya oNgcwele ekunika lona nje (niyabo?), kanjalo nje, libeke khona lapho nje phakathi lapho ngendlela Athi kwenze ngayo, niyabo, phansi kogcobo.

192 Bese-ke uthatha ukubizela kwakho e altare, uthi, "Ukhona yini kulelibandla othanda ukwemukela uKristu njengoMsindisi, sicela wena, simema wena uze e altare khona manje, yima ngezinyawo zakho nje." Niyabo?

193 Futhi uma—futhi uma kungami-muntu, thana, "Ukhona yini lapha oselungele umbhaphathizo, osevele ephendukile, futhi ofuna ukubhaphathizwa emanzini kukho ukuthethelelwa kwezono na? Uma befisa ukuza, sinika wena ithuba manje, ungeza i-ogani isakhala." Niyabo?

194 Uma kungezi-muntu, thana-ke, "Ukhona yini lapha umuntu onga . . . ongakaze awemukele uMbhaphathizo kaMoya oNgcwele futhi ofuna ukwenzenjalo kulobubusuku, ungafuna sikukhulekele na?" Awu, mhlawumbe kubekhona umuntu owenyukayo, beseke nidedela ababili noma abathathu babeke izandla phezu kwabo, babakhulekele. Babathumele ngemuva

ngqo kwenye yalawomakamelo, kubekhona ophakathi lapho nabo, nibayale ndawondawo ukuthi bafanele baphumelele kanjani embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. Ibandla lonke alikho kubo.

195 Uma ekhona oza azo . . . ofuna ukwemukela uKristu futhi emi lapho e altare ukuba azokhulekelwa, wenze okwakho . . . mabakhuleke. Futhi uma bekhuleka, nje nithi, "Khothamisani amakhanda enu manje, sizokhuleka." Futhi uthi, "Niyakholwa na?"

196 Uma noma yini into encane ezobambezela ibandla noma ngayiphi indlela empeleni, bathumele ngqo ekamelweni lomkhuleko, bese ungena lapho nabo, noma uthumele omunye umuntu phakathi lapho nabo. Bese udedela ibandla liqhubeke nje, niyabo, kanjalo, awubabambezelanga-ndawo-ke. Niyabo?

197 Futhi-ke ngenkathi . . . ngaphambi . . . E-emizuzwini embalwa, uthi . . . Uma kungezi-muntu, bese uthi, "Ukhona ongathanda ukugcotshwa ngamafutha kulobubusuku, ngenxa yokugula na? Sikhulekela abagulayo lapha."

198 "Awu, ngithanda ukukubona ngasese, Mfowethu Neville."

"Awu, ungibone e-ofisi. Ubone omunye wabadikoni, bazokunaka, niyabo." "Futhi kukhona engithanda ukukusho kuwe, Mfowethu."

"Awu, omunye wabadikoni lapha uzokubona e-ofisi, futhi sizo . . . Ngizokubona masinya emva kwenkonzo."

199 "Manje, sizoma manje ukuba siphume." Niyabo, futhi awubanga cishe ngaphezu kwehora nemizuzu engamashumi amane-nanhlanu entweni yonke. Niyabo? Niyabo, ihora nemizuzu engamashumi amathathu, inkonzo yakho isiphelile. Ube namancane, amangqimungqimu asheshayo; u—uyinikeza lokho okwenziwe; ukwenzile futhi wonke umuntu wenelisekile, futhi uya ekhaya ezizwa ekahle. Niyabo? Uma ungakwenzi, khona-ke, uyabo, uma uyekela . . . Niyabo, u—u—uqonde okuhle, niyabo, kodwa uyabo . . .

200 Uyazi, lokhu sekuthi akube yiminyaka engamashumi amathathu-nantathu kulomsamo kimi, iminyaka engamashumi amathathu-nantathu, nasemhlabeni jikelele. Ufunda intwanyana kulesosikhathi esingako, impela. Uyabo? Uma ungakwenzi, kungcono uyeke. Ngakho-ke, niyabo, ngiyakuthola lokhu. Manje, uma ubhekene nabaNgcwele bodwa kuphela ndoda, ubungahlala ubusuku bonke uma ubufuna ukukwenza. Kodwa u . . . Niyabo, awubhekene nabo ngempela, uzama ukubamba laba abaphandle lapha. Nampa labo obabambayo, ufanele usebenze ensimini yabo. Niyabo? Futhi unga . . . Ubangenise lapha bese-ke udedela iZwi lize, bese-ke, uyabo, ayikho into engakhonondelwa. Uma kukhona noma yini abafuna ukukubonela yona, awu, kuhle, bathathe ubafake e-ofisi ngqo kanjalo, kodwa ungalibambi ibandla.

201 Bese, uyazi, abantu bayosukuma bathi, "Awu, ngiyakutshela ake sibe nomhlangano omuhle wezimfakazo." Niyabo? Manje, angiqonde kugxeka kulokhu, ngiqonde nje ukunitshela iQiniso. Niyabo? Ngiqonde nje ukunitshela iQiniso. Niyabo? Ngithole imihlangano yezimfakazo ikakhulu...i—ilimaza kakhulu ngezinye izikhathi kunokuhle. Niyabo, ilimaza ngempela.

202 Manje, uma umuntu ezoba nobufakazi obushisa bhe ngesikhathi semvuselelo, niyazi, ninemvuselelo eqhubekayo, niyazi, umhlangano, futhi kukhona asindisiwe futhi nje efuna ukusho izwi, awu, akabusiswe uNkulunkulu, mdedele athulule umphefumo wakhe. Futhi ubone uma e...Uma efuna uku—uma efuna ukukwenza lokho, niyabo, ngesikhathi semvuselelo nje, athi, "Ngifuna ukuthi nje, 'Ayibongwe iNkosi ngalokho Engenzele khona.' Ingisindise ngeviki eledlule, nenhliziyo yami ishiswa yinkazimulo kaNkulunkulu. Akabongwe uNkulunkulu," ahlale phansi. Amen! Lokho kuhle, qhubekani. Niyabo, kulungile.

203 Kodwa uma uthi, "Manje wozani. Ubani olandelayo? Ubani olandelayo? Manje ake sizwe izwi, ake sizwe izwi lobufakazi." Manje, uma unomhlangano owubeke eceleni, ubusuku obuthize balokho, niyabo, uzoba nawo. "Kulobu ubusuku...ngoLwesithathu oluzayo ebusuku, esikhundleni somhlangano womkhuleko, kuzoba umhlangano wobufakazi. Sifuna wonke umuntu eze angene, futhi kuzoba umhlangano wobufakazi." Bese kuthi-ke uma sebefika e—endaweni ukuba banikeze izimfakazo, funda iZwi, ube nomkhuleko, bese-ke uthi, "Manje, simemezele ukuthi lobu ngubusuku bezimfakazo." Ngakho abantu abafakaze lelohora noma imizuzu engamashumi amane-nanhlanu, noma imizuzu engamashumi amathathu, kumbe noma ngabe kuyini, bese-ke—bese uqhubeka kanjalo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini? Futhi ngicabanga ukuthi kuzosiza ibandla lenu, kuzosiza yonke into, ngakho konke, uma ukwenza ngaleyondlela.

204 Manje, njengoba sengishiywa yisikhathi, ngakho... Mfowethu, bazalwane, lokhu ngukwazi kwami okwedlula konke. Ngiyakubona okusenhliziyweni yenu, lokhu ngukwazi kwami okwedlula konke imibuzo eniyibuzile. Manje, kusukela manje kuqhubeke niyazi. Futhi uma kusengqondweni yenu njalo, wozani eteyipini. Buzani lokho...Lalelani eteyipini. Uma kungokwabadikoni, abaphatheli, kumbe noma ngabe kuyini, akudlalwe iteyipu. Akuvulwe ebandleni phandle lapho uma befuna ukukuzwa. Kulungile. Futhi lokho yi—lokho ngukwazi kwami okwedlula konke entandweni kaNkulunkulu ngaleliTabernakele lapha eMgwaqeni uEigth noPenn, futhi yileyondlela enginiyala ngayo baFowethu ukuba nikwenze lokhu phansi kokuholwa nguMoya oNgcwele, ngabo bonke ubumnene nothando, nikhombisa umusa wenu phambi kwabantu ukuthi ningamaKristu. Futhi *amaKristu* akusho ingane engafuqwa

ijikiswe iye nomaphi, lokho kusho "umuntu ogcwele uthando, kodwa nje—nje ogcwele uthando ngoNkulunkulu njengoba enjalo kolwebandla." Niyabona ukuthi ngisho ukuthini na?

205 Ngabe ukhona umbuzo na? Iteyipu isizophela lapha, futhi ukhona ongilindile laphaya. Sikhathi sini abefanele abe ngaso laphaya na? [UBilly Paul uyaphendula, "Khona manje."—Umhl.] Khona manje. Uzizela yena? [UBilly Paul uyaphendula, "Ngizohamba ngimlande."—Umhl.] Kulungile. Kulungile, mnumzane.

206 Manje, ngiyazi sesiyaphuma manje uma kungasekho—ngasekho-zwi eliqhubekayo. Manje, uma lingekho, awu, asiphumeni. Ya Yebo, Mfowethu Collins? [UMfowethu Collins uthi, "Bekungangcono ukubaleteyipu ibivaliwe."—Umhl.] Kulungile. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

207 Awu, bazalwane, ngikuthokozele ukuba lapha nani kulobubusuku, noMfowethu Neville, nakubadikoni, nabaphatheli, nomongameli kaSonto sikole, nonke. Sethemba ukuthi iNkosi izonisiza manje ukuba nizenze leziziyalo nizenzele uMbuso kaNkulunkulu. Isizathu sokuba ngisho lokhu yingoba ngicabanga ukuthi senikhulile ekubeni ngabantwana naba ngabadala. Lapho usengumntwana, wakhulumisa okomntwana, futhi waqonda njengomntwana. Kodwa manje usuyindoda, ngakho masiziphathise okwabadala endlini kaNkulunkulu, siziphatha kahle, futhi sihlonipha izikhundla zethu, futhi sihlonipha zonke izikhundla. Zonke iziphiwo iNkosi esiphe zona, asisibeke ngokwenqubo, futhi sihloniphe uNkulunkulu ngeziphiwo zethu nezikhundla zethu.

Asikhuleke:

208 Baba waseZulwini, siyaKubonga kulobubusuku ngalombuthano ndawonye womuntu obekwe ezikhundleni lapha ukuba benze umsebenzi weNkosi owenziwayo lapha e Jeffersonville kulelibandla. Nkulunkulu, kwangathi isandla saKho singaba phezu kwabo, kwangathi Ungabasiza futhi ubabusise. Kwangathi ibandla nabantu bangaqonda futhi bazi ukuthi lokhu kungukwenza-ngcono uMbuso kaNkulunkulu, ukuze sibe ngumuntu oqondayo nowazi uMoya kaNkulunkulu, futhi azi ukuthi yini okufanele yenziwe. Siphe khona, Baba. Sikhiphe manje nezibusiso zaKho, futhi kwangathi uMoya oNgcwele ungasiqapha futhi usiqondise, futhi usivikele, futhi kwangathi singafunyanwa njalo sisemsebenzini wokugada. EGameni likaJesu Kristu, ngiyakhuleka. Amen.

